


ISINEKE

 Ngiyabonga, Mfowethu Parker.

² Kuyinhlanhla ukuba lapha. Ngiyaxolisa ukuthi ngibe leyithi kancane, kodwa udaba lokugula olubi kakhulu ngemva kwekhetshini, niyabo, bengikhonzisa ingane encane.

³ Futhi ngijabula kakhulu ukuba lapha futhi, kulobubusuku, futhi ngethemba ukuthi ngeke ngingcine njengoba ngenzile izolo kusihlwa. Ngingcine isikhathi eside kakhulu, futhi—futhi ngiye ekhaya, futhi ngathi ukuzizwela, noma, ngiye ehhotela labahamba ngezimoto lami futhi ngathi ukuphatheka kabi ngakho, ngenkathi ngibone ukuthi bekuyisikhathi sini, bengikhuluma lapha cishe ihora nemizuzu engamashumi amane nanhlano.

⁴ Futhi kusobala, lokho ku—lokho kufushane kimi, ngolunye usuku ngakhuluma amahora ayisithupha. Niyabo, uma umfo azi okuningi kakhulu, akadingi ukukhuluma isikhathi eside kangako, kodwa lapho engazi okuningi, kufanele nje ugcwalise, uyazi, ngiyacabanga. Futhi, niyabo, ngilinda kuYe nje, futhi—futhi lapho ngizwa njengokuthi Unginika okuthize engizokusho, awu, bese-ke ngi—ngiyakusho, futhi kufanele ngithi nje ukukhubeka kuze kube yilesosikhathi.

⁵ Bengizama ukukhuluma izolo ebusuku mayelana nemizindlo, hhayi, ngenkathi noma yini idlinza iphikisana neZwi likaNkulunkulu. Angiqondile *isizathu*, noma yikuphi ukuzindla, ngoba uPawulu wabonisa nabantu. Futhi inkathazo namhlanje, abantu bavele bathathe noma yini efikayo, futhi bengakudlinzi ngomBhalo. Kodwa lapho kungu—kungukuzindla *ngokumelene* neZwi likaNkulunkulu, khona-ke qhela kulo, leso yisitha. Niyabo? Kodwa lapho kudlinza neZwi likaNkulunkulu, lowo nguNkulunkulu, niyabo, lokho kunjalo; ukuzindla okubili. Ngakho siyakholelwa ekudlinzeni neZwi, sikholwe ukuthi iZwi liqinisile.

⁶ Manje, ungeke wafakazisa ngokwesayense iZwi, ngoba uma . . . futhi awusoze wakwenza, ngoba Liphambene kakhulu nesayensi. Uma Lifakazelwe ngokwesayense, khona-ke akusesikho ukukholwa. Niyabo? Ufanele ube nokukholwa, nokukholwa kuphambene nokufakazisa ngesayense. Ngakho ufanele ukuKholwe, ungaKufakazisi, ukuKholwe, lowo ngumbono.

⁷ Esikhathini esithile esedlule ngangikhuluma nendoda, ngangiseToronto, eCanada, sasinomhlangano omkhulu lapho, futhi iNkosi yayibusisa ngendlela emangalisa kakhulu. Ngangingaphesheya e . . . Kwakungekho eToronto, manje, ngiyakuhoxisa lokho, ngikhohlwa amagama endawo eCanada

esasinomhlangano kuyo. Ngizokucosha emizuzwini embalwa. Ngihambe kakhulu ngize angiwakhumbuli amagama endawo ngesinye isikhathi. Futhi ingaphesheya ngqo kweDetroit. [Omunye uthi, “IWindsor?”—Umhl.] Lithini igama na? [“IWindsor.”] IWindsor, kunjalo; iWindsor, e-Ontario.

⁸ Futhi kwakukhona i...kwakubekwe isethi yethelevishini emgwaqeni, uhlobo oluthile lohlobo lwesikrini, futhi kwakukhona ikhawa lapho lidlala, lishaya isiginci, ngale, lisakaza kuvela e-United States. Nendoda yaphuma, futhi yayikhuluma nami. Yathi, “Ngingathanda ukukuthengisela lokho.”

Ngathi, “Qhabo, Mnumzane, besidlula nje.” Ngathi, “Angikholwa ukuthi ngiyakufuna.”

Futhi yathi, “Awu, ngizokwenzela khona kushibhe ngempela.”

Futhi ngacabanga...Ngayichazela, ngathi, “Ngiyi—isivakashi esivela emazweni.” Ngathi, “Ngi...”

“O,” yathi, “uyadlula nje, ngiyacabanga?”

Ngathi, “Qhabo, ngisezansi lapha ehhotela labahamba ngezimoto.” Ngathi, “Ngilapha nje izinsuku ezimbalwa.”

Yathi, “Awukho nalowo mhlangano laphaya na?”

Ngathi, “Yebo, Mnumzane. Kunjalo.”

Yathi, “Angifuni ukulimaza imizwa yakho, kodwa,” yathi, “ulalela uwaka.”

Futhi ngathi, “Hawu!” Ngathi, “Lokho ngukuthi...Yebo, Mnumzane,” ngathi, “ucabanga kunjalo na?”

Yathi, “Yebo, Mnumzane,” yathi, “Ngicabanga kunjalo.”

Futhi ngathi, “Awu, kungani ungadonsa icon...umbono walokho na?”

Yathi, “Awu, ngoba indoda ikhuluma ngento ethile engazi lutho ngayo.”

Futhi ngathi, “Usho ukuthini na?”

⁹ “Awu,” yathi, “isibonelo, izolo ebusuku, lelososha lapho, ebelikade lisembuthweni, lilele kuloluhlaka, futhi laba... kuthiwa likhubazekile.” Yathi, “Ngasukuma ngazulazula lapho,” yathi, “lokho kwaba nje, lokho bekungukuzenzisa,” yathi, “leyondoda yayiyazi indoda sonke isikhathi.” Yathi, “Lalilele nje lapho lizenzisa kunjalo.”

¹⁰ Ngathi, “Awuyanga ngani endodeni eyayisohlakeni futhi uhlole, futhi ubone ukuthi yayingubani, ukuthi ivelaphi na? Uma ngokoqobo ubu, nentshisekelo ejulile awucabangi ukuthi bekufanele ukwenze lokho na?”

Yathi, “Awu, nansi yonke into,” yathi, “Angizami ukukudikibalisa.”

Ngathi, “O, ungeke.”

Ngakho yathi—yathi, “Ngi—ngicabanga ukuthi . . . Ngiyakholelwa kwisayensi.”

Ngathi, “Nami ngokunjalo.”

Yathi, “Awu, noma yini engeke ifakazelwe ngokwesayensi ayilungile.”

Ngathi, “Angiqondile ukwehluka, kodwa ngithi nje lokho kuphambene. Noma yini . . .”

Yathi, “. . . akukhona okwangempela.”

¹¹ Futhi ngathi, “Noma yini engafakazelwa ngokwesayensi ayiyona eyangempela.” Ngathi, “Yizinto ezingenakufakazelwa ngokwesayensi ezihlala isikhathi eside futhi zingezangempela.”

¹² “O,” yathi, “lokho kuyiphutha.” Niyabo? Futhi—futhi manje, yathi, “Buka lapha ukuthi isayensi yenzi.” Yaqala yasho lokhu, yathi, “Awu,” yathi, “Angikukholwa.”

Ngathi, “Awu, ngifuna ukukubuza okuthize. Ingabe uyindoda eshadile na?”

Yathi, “Ngiyiyo.”

Ngathi, “Uyamthanda umkakho na?”

Yathi, “Impela ngi—ngiyamthanda.”

Ngathi, “Nami ngokunjalo. Ngiyakuthakasela lokho. Kodwa . . .”

¹³ Ngenzani . . . ? [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O. Kulungile manje na? Ngiyaxolisa, a—angikwazi ukukusho lapha, uyabo.

¹⁴ Ngakho—ngakho bathi—bathi, “Uma wena . . . Noma yini ongeke ukwazi ukuyifakazela ngokwesayensi a—ayilungile.”

Ngathi, “Awu, manje, uyamthanda umkakho ngokwehlukile kunoma yimuphi omunye wesifazane na?”

“Ya.”

Ngathi, “Yini leyo na?” Niyabo? Niyabo? “Unabantwana na? Yini eyenza labo bantwana behluke kwabanye abantwana na?”

¹⁵ Yaqhubeka nokukhuluma imizuzwana nje, yayisithi, “Awu,” yathi, “manje, ngokwesibonelo *lokhu*,” yathi, “uyabo, alukho ucingo oluyizungezile noma yikuphi.”

¹⁶ Ngathi, “Kunjalo, futhi nanso into enkulu.” Ngathi, “Manje, nakhu, leyondoda ingale e-United States, futhi ngaphandle kocingo nanoma yini exhunywe kuyo, eya e-United States, nge—igagasi, uhlobo oluthile lwegagasi likagesi lanoma yini, kuletha isithombe saleyondoda lapha ngokuphelele nje, futhi lisibonisa lapho.”

Yathi . . . Yavele yathi nje ayikwazanga ukukuqonda ukuthi kanjani lokho kubona okufihlakeleyo, yathi, “Ngcabanga ukuthi uphisi nje wokuzihlanganisela webhizinisi.”

¹⁷ Ngathi, “O?” Ngakho ngathi, “Manje, *lokho* akuwona uphisi wokuzihlanganisela webhizinisi, ubungeke ukusho lokho,” ngathi, “ngoba kungukuthi ngokoqobo, kukhona igagasi eliza ngalapha, ukuthi . . . futhi sifundiswa ukuthi leso isithombe esifanayo sidlula kithi ngqo. Futhi ukuthi umlayezo, nalawo maculo, nakho konke kudlula kithi ngqo, kodwa-ke kushaya ikristalu *elithile*, noma okuthize phakathi lapho, lokho yi . . . noma ishuhhu, elingabonisa leso sithombe, nesithombe somuntu, esidabula amagagasi omoya osesibhakabhakeni omoya. Futhi asazi ukuthi kuvelaphi, khona nje . . . siyazi ukuthi kuvelaphi, kodwa,” ngathi, “asikwazi ukukubona, futhi kuyadlula, futhi kusibonise lapho.”

¹⁸ Ngathi, “Yile yondlela uNkulunkulu . . .” Niyabo? Ngathi, “Uzazi kanjalo-ke lowomfo lezozinto.” Ngathi, “Bona, uNkulunkulu,” bona, “uthumela igagasi lomoya osesibhakabhakeni phansi.” Futhi ngathi, “Lingase lidlule ezinkulungwaneni nasezigidini zabantu lize lifike kuleyo ndawana, bese-ke liyakubonisa. Kukanjalo-ke ukuthi yena . . .”

Wathi, “O,” wathi, “kulungile, kodwa,” wathi, “buka, bona, sinesiteshi sokuthumela, sinesiteshi sokuthumela esithumela lokho.”

¹⁹ Ngathi, “Sinaso kanjalo nathi.” SineSiteshi sokuthumela, kunjalo, iSiteshi sokuthumela, kanye nesiteshi sokwamukela. Ngakho U—UsenguBaba wethu waseZulwini, Akasuye na? SiyaMthanda ngokuba Wasithanda kuqala, futhi Wathuma uJesu Kristu ukuba Afe esikhundleni sethu, ukuthi Yena . . . singaba ngukulunga kukaNkulunkulu ngoKristu, sithokoza kakhulu.

²⁰ Leyo mibono ngezinye izikhathi i . . . ithi ukukhubekisa abantu, abaqondi. Kwezinye izikhathi abantu bacabanga ukuthi kuqhubeka kuphela khona lapha emhlanganweni. O, he, lena ingxanye encane yakho. Kuphandle *lapho* yilapho okwenzeka khona ngempela.

²¹ Namuhla bengihlezi ekamelweni. Besine . . . Ngokuvamile uLwesihlanu usuku lokuzila ukudla kimi, angidli ngalo, ngezinye izikhathi, oLwesibili noLwesihlanu, kuze kube semini ngesinye isikhathi, kafushane nje . . . lokho akukhona ukuzila ukudla okuvamile, lokho kuyizinsuku ezithi azibe zimbili nje zeviki ukuzila ukudla. Ngakho, ukuzila ukudla isikhathi eside kuza ezinsukwini ezengeziwe, lapho iNkosi ikubeke phezu kwakho. Kodwa lokho kungokwenhlonipho nodumo lwesikhumbuzo sikaNkulunkulu esikhulu kithi, ukuzila ukudla, umyalo.

²² Futhi ngakho, emva kwehora lesithathu nqo, ngokuvamile ngiba nokuthile okuncane okulula. Omunye ungitshela ukuthi ungasithenga kuphi isiteki esincane ezansi nomgwaqo lapha cishe ngamasenti angamashumi ayisishiyagalolunye, kuthi akube yikho, ukuba udle. Ekushumayeleni nakulezizinto kufanele uhlale ungenalutho. Ngakho besihlela ukwehlela lapho, futhi—futhi indodana yami nomshana wami bamangala ukuthi kungani singehleli lapho, kodwa saphenduka saya kwenye indawo othenga udlele kuyo.

²³ Kwase kuthi-ke, ngihlezi phakathi lapho, ngaqaphela . . . Ngemizuzwana embalwa nje sasikhuluma, futhi abanye abantu babelapho, bekukhona . . . Kuhlala kukuhle ukuhlangana nabangane bami, uyazi, futhi ngikhulume nabo, ngakho-ke ngangixhawula abanye babahlobo.

²⁴ Ngemizuzwana embalwa nje, kwangena amanenekazi amabili, uMoya oNgwele wathi, “Elifake isigqoko esimhlophe.” Wahambahamba, angikaze ngibabone empilweni yami. Futhi okuxakile, ngenkathi omunye wesifazane ezohlala *kanje*, waphenduka futhi wabhekana ngqo nami. Lowo ngumusa, niyabo, ukwazi nje . . . Akukho okwenzeka ngenhlanhla. Ngakho wayengibuka ngqo.

²⁵ Kuyamangaza, indodana yami uqobo, eye yama nami lapha emsamo iminyaka, kodwa yangibuza umbuzo, okuthize mayelana neminyaka eyiNkulungwane enkulu noma okuthize, futhi, “O,” ngathi, “Billy, angiziqondi lezozinto.” Ngathi, “Ngisanda kuthola imibono yami ngazo.” Ngathi, “Angizifundisi, ngoba ngi—ngingahle ngibe nephutha elingamayela ayisigidi kukho. Niyabo?” Ngathi, “Ngisanda kuthola imibono yami.”

²⁶ Futhi wathi, “Awu, ngingathanda ukwazi nga *lokhu*,” *nokuthize-okunye*, futhi khona-ke, ngokuphazima kweso, akazange akubambe . . . Futhi akazi ukuthi ngiyakusho, ngami ngisho lokhu manje, uma ekhona. Kodwa uma uCharlie noBilly beseduze, niqaphelile, Charlie na? Khona manjalo uBilly washintsha waba umusa ngokushesha impela, mayelana nomusa kaNkulunkulu ugcina.

²⁷ Niyabo, akaqaphelanga ngalowomzuzu, iNkosi yayinginikeze ukuxhumana nomoya walowo wesifazane. Futhi wayelapho-ke. Wayengenaso isiqiniseko kakhulu sokuthi kwakuyimi, ngoba ubengibone izolo kusihlwa kuphela. Ngacabanga, “Nkosi, ngiyambona owesifazane, isimo akuso, nokuthi kwenzekeni.” Ngacabanga, “Mhlawumbe ukhona emhlanganweni.” Ngangazi ukuthi wayedinga usizo.

²⁸ Futhi ngalesosikhathi nje, lapho, ngemva kokuba sesiqedile isidina lethu, omunye, ngaphambi kokuqeda, omunye udade omncane onomoya omuhle ovela ezansi ndawo ndawo uyafika,

wangikhokhela idina lami, ngakho-ke . . . yena nomyeni wakhe, nabantwana.

²⁹ Futhi ngakho, ngase ngisukuma ukuze ngiyokhokhela idina. Futhi ngicabanga ukuthi uBilly noCharlie baqaphelile ukuthi ngibayeke baqhubeke, ngoba ngangazi ukuthi inenekazi laliza ndawondawo, ngoba ngangazi ukuthi lalisemva kwami, emizuzwaneni embalwa lakhuluma nami. Futhi lapho ngakwazi ukutshela inenekazi okwakwenzekile nje, okwakwenzekile, futhi hhayi ngenhlanhla, kodwa leso kwakuyisiqalo sokuphulukiswa kwalo.

³⁰ Eminyakeni eminingi edlule, lalingowesifazane engicabanga ukuthi acishe asondele emashumi ayisithupha noma okuthize, futhi ngesikhathi sokunqamuka kokuya esikhathini wayethuke ngokwedlulele, futhi akakwazanga ukuphuma kukho. Futhi i . . . Wathi, “Ngikuzwe kanye kuphela, ngisuka kude le, lokho bekuyizolo ebusuku.” Wathi, “Lokho kuphawula okwenzile mayelana nokudlula leso sivimbelo somsindo, ukuze ukhululeke,” lathi, “usuku lonke ngiye ngazabalaza kuleso sivimbelo somsindo.”

³¹ Ngathi, “Ungabe usazabalaza.” Niyabo? “Kuphelile manje. Uyabo? A-hha. Dlula kukho.” Futhi ngathi, “Isivimbelo somsindo yisivimbezeli phakathi kokukholwa nokungakholwa. Lapho udlulela ngale kwalokho kungakholwa kwethunzi lokungabaza, usukhululekile-ke, niyabo, kukhona luth- . . .”

³² Futhi inenekazi laliye la, phakathi nalesosikhathi laline . . . Ukuthi ukunqamuka kokuya esikhathini ngezinye izikhathi, ikakhulukazi noma ngabe kungena, noma kuphuma, kwenza abantu babe nokwethuka kakhulu. Futhi lalingakaze likwazi ukudlula kulokho. Owesifazane ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi ulahlekile, futhi uyahamba. Futhi yena, ikholwa lePentecostal, ngicabanga kanjalo, kodwa inenekazi laligqokile . . . ligcobe izimonyo, nezinwele ezimfishane, nakho konke, kodwa isizathu sokuba lenze lokho, lalizama ukunyakaza lisuke kulokho, niyabo, lizama ukunyakaza lisuke kuleyo mizwa eyesabekayo.

³³ Futhi savele saqala ukukhuluma ngokuthi . . . Niyabo, yingakho . . . UBilly akazi manje ukuthi ngisho lokhu, noma uCharlie. Kwakuyilokho umusa . . . isizathu sokuba ubuzwa lokho, Billy, ukhuluma ngomusho oluhlaza sasibhakabhaka, uyazi, “Umusa, kuza kanjani—kanjani ukuthi wona—wona *lokhu* na? Futhi kuza kanjani *lokho* na? Futhi kanjani, niyazi, *ukuthi-nokuthi?*”

³⁴ Ngathi, “Kungumusa kaNkulunkulu. ‘Labo Abazi ngaphambili Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile.’ Konke nguNkulunkulu.” Futhi kwakuyilokho-ke, futhi akufanele akhathazeke ngalokho.

³⁵ Wayezama ukunyakaza kuleyonto. Wayephuma, futhi enze *lokhu* futhi enze *lokho*, ezama ukuqhela kukho. Kodwa namhlanje lowo wesifazane omncane ompofu ushaye ukhiye, uselulama manje. Futhi angahle ukuba ulapha kulobubusuku, angazi, a, kungenzeka ukuthi uye ekhaya, kodwa angahle abelapha, nokho kulobubusuku, emhlanganweni.

³⁶ Kodwa kukhombisa nje ukuthi umusa kaNkulunkulu uzozenza kanjani izinto. Ku—kuchichima ngokwedlulele ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange, akunjalo na? Kuyamangalisa.

³⁷ Manje, kusasa ekuseni ukudla kwasekuseni, futhi ngibuze uMfowethu Parker ukuthi bengizokhuluma yini kulesosidlo sasekuseni, futhi, ngizama ukuqhela kukho, kodwa wathi, qhabo, ukuthi bekufanele ngisho amazwi ambalwa. Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, ngifuna ukuzama, iNkosi ithanda, ukushumayela, ukuletha umlayezo omncane.

³⁸ Futhi angicabangi ukuthi ngizophinda ngizame, njengayizolo ebusuku, ngoba ngiphatheke kabi kakhulu, ngihlezi lapha phambi kwabafundisi, nabafundisi abaziwayo owaziyo, izazi zezenkolo njengoDkt. Lee Vayle, nabo bonke laba abanye abazalwane lapha engibaziyo, he, abaneziq, kanjalonjalo, o—owafundisisa iBhayibheli, futhi waqeqeshwa kulokho, bese-ke mina ngime lapha, ngizama ukuletha umlayezo walolohlobo. Ngacabanga ukuthi ngizoma ukuzokhulekela abantwana bakaMfowethu Parker abagulayo, ngakho kungcono ngi—ngime kulowo mugqa. Ngakho silapha ukuze sisize.

³⁹ Manje, kulobubusuku, ngi—ngifuna ukuzama ukukhuluma futhi ngifunde imiBhalo ethile, ukuze singangithathi isikhathi eside kakhulu, cishe imizuzu engamashumi amathathu noma okuthize. Khona-ke ngifuna ukunikhulekela nina bantu abagulayo kulobubusuku, kholwani nje. Manje, noma ubani uyazi ukuthi izidalwa ezingabantu azikwazi ukwenza lezizinto, akunakwenzeka, niyabo, kufanele kube nguMoya kaNkulunkulu.

⁴⁰ Futhi kanjalo thina . . . Okuwukuphela kwento esingayenza ukukhulekela abagulayo. Angikwazi ukuphulukisa noma ubani, ngoba usuvele uphulukisiwe. Uma noma ubani ekutshela ukuthi bangakuphulukisa, lokho akulungile. Niyabo? Futhi noma ubani ukutshela ukuthi angakusindisa, lokho akulungile, nonke nisindisiwe noma kanjani. Niyabo? Okuwukuphela kwento okumele uyenze ukukuvuma nje. Uyakwamukela lokho uJesu akwenzele khona, “Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho; ngemivimbo yaKhe waphulukiswa.” Waphulukiswa, sekuyinkathi edlule kakade.

⁴¹ Into kuphela okufanele uyenze ngukwamukela lokho Akwenzele khona, yilokho kuphela. Futhi ningaphansi kweGazi, nonke, kungenjalo uNkulunkulu ubeyobhubhisa

yonke into. Usengaphansi kweGazi inqobo nje uma kukhona uMhlatshelo oneGazi obekwe lapho ngenxa yezono zethu. Bese kuthi ngolunye usuku lapho usuka kulomhlaba ngaphandle kokwamukela lowoMhlatshelo, khona-ke umele izono zakho siqu, futhi usuvele ulahliwe, niyabo, ngakho ungeke ume.

⁴² Futhi ukuphulukiswa kwakho kungukuthi nje... UNkulunkulu wenza indlela enhle kangaka. Niyabo, ukukholwa kuvela ngokuzwa. Shumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kukholwe, kwemukele. Lokho...Uma lokho kuyoba yimi, yileyo ndlela ebengizokwenza ngayo, anikwazanga ukukholwa izwi lami, kulungile, futhi niyoba ngendlela efanayo nganoma ubani omunye, kodwa hhayi uNkulunkulu. Emva kokuba Ethumele iZwi laKhe, khona-ke Ufaka eBandleni iziphiwo ezehlukene nezinto, ukuze, ukuzama nje ukukuyisa kubantu i... Unothando kakhulu futhi ugcewele umusa.

⁴³ Asiphenye manje, eNcwadini kaMathewu oNgcwele, iVangeli likaMathewu oNgcwele isahluko se 15, ivesi lama 21 kuya kwelama 28. UMathewu oNgcwele, isahluko se 15, ivesi lama 21 kuya kwelama 28. Lalelisisa, ukufundwa kweZwi.

UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire naseSidoni.

Futhi, bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, wathi, Ngihawukele, Nkosi, Ndodana kaDavide; Indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.

Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.

Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.

Wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.

Kepha waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.

Wayesethi, Qiniso, Nkosi: kodwa nezinjana ziyadla... imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.

Khona uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.

⁴⁴ Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuluma noMqambi waleliZwi.

⁴⁵ Baba waseZulwini onomusa, manje sisondela endlini yaKho engcwele eGameni leNkosi uJesu. Futhi Kwanele konke, konke

esikudingayo, ngoba Wathi, “Uma nicela utho kuBaba eGameni laMi, Ngizolwenza.” Ngakho-ke, besingeke size egameni lethu uqobo, noma igama lebandla, noma yiyiphi inhlangano yebandla, noma yisiphi isizwe noma uhlanga, siza nje kalula eGameni leNkosi uJesu, futhi siyazi ukuthi Uzosizwa, ngoba Wathi Uyosizwa.

⁴⁶ Futhi asiceli, kulobubusuku, ukuma esiHlalweni sobukhosi sokwaHlulela kwaKho, ngokuba siyolahlwa, kodwa sicela ukuma esiHlalweni sobukhosi somusa, esiphephela kuso sonke.

⁴⁷ Manje, Nkosi, ngiyabubona ubunzima obukhulu bomhlangano, nokuthi kufanele ukuthi kuthululwe kanjani kuWe, lobu buhle, lapho Wabuka phezu kwezixuku zabagulayo, izinyonga, izishosha, izimpumpithe, njengoba Wama echibini laseBethesda futhi wabona lesosixuku esikhulu, nokho, kwakukhona indoda eyodwa nje Owaholelwa kuyo, futhi Wathi Wawazi ukuthi yayikade iyileyondlela isikhathi eside, futhi Wayiphulukisa, noma, wayicela ukuba ikwamukele.

⁴⁸ Futhi-ke, ubuzwa, Wena wathi, “Ngiqinisile, ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.” Nkosi, uNgeke usikhombise intando kaNkulunkulu, kulobubusuku, ngenxa yalokhu kugula, isixuku esilindile na? Silindele ukunyakaza kwamanzi, ukuze abagulayo bangene futhi basindiswe.

⁴⁹ Ngiyakuncenga, Nkulunkulu, sithethelele isono sethu sokungakholwa, kade njengoba besiKulandela. Futhi siyavuma, Nkosi, ukuthi siyasilela kakhulu kulokho okufunekayo njengabefundisi nanjengamaKristu, ngakho yiba nomusa kithi, O Nkulunkulu Onomusa.

⁵⁰ Futhi njengoba indoda yakhala ngolunye usuku, nomfana onesithuthwane, yathi, “Nkosi, siza ukungakholwa kwami,” sikhala kuWe, kulobubusuku, Nkosi. Ngemva kokufunda izithembiso zaleli Bhayibheli eliyigugu futhi sibone ukuthi yini engenziwa, khona-ke siyakhala, “Siza ukungakholwa kwethu.” Thumela uBukhona beNkosi uJesu phakathi kwethu, kulobubusuku, njengoba sikhuluma ngeZwi. Futhi kwangathi iZwi lingaba yinyama, nemimoya yethu iLibambe, iLikholwe.

⁵¹ Sengathi singakubona ukubuya kusondela kweNkosi uJesu, njengoba Ethembisa, njengoba izinsuku zisondele manje zibe imizuzu namahora, noma mhlawumbe amahora nemizuzu. Futhi asazi ukuthi sisondele kangakanani, Nkosi, kodwa sibona izinto ziya ngokukhula, zibukeka zivuthiwe, ngakho sisize, kulobubusuku.

⁵² Sethula iZwi kuWe, kulobubusuku, Baba, ukuthi UzoLibusisa. Thola udumo eGameni laKho, eGameni sikucela kulo, iNkosi uJesu, nenkazimulo yaKhe. Amen.

⁵³ Ngizozama ukudonsa kulendikimba encane, kulobubusuku, noma, lomBhalo, okwemizuzwana embalwa nje ngendaba, noma

igama elibizwa ngokuthi *Isineke*. Lokho ngikudonsa emavesini engisanda kuwafunda. *Isineke*, kungukuba “wenze umgomo, phikelela.” Ngiyalithanda igama, futhi lona, lifaneleka kakhulu eBandleni lanamuhla, noma kufanele kube ukuthi iBandla lifanele libe nesineke.

⁵⁴ Amadoda ayo yonke iminyaka anokukholwa kulokho azama ukukufeza ibilokhu inesineke. Akunandaba ukuthi uzama ukwenzani, kufanele ukholelwe kulokho okwenzayo.

⁵⁵ Indoda yake yathi kimi, udokotela, yathi, “O, ngiyakholwa, Mfowethu Branham, uma—uma abantu bebengakholwa ukuthi bebengaphuma bathinte lesosihlahla futhi bayophulukiswa, ngikhoholwa ukuthi bekuzokwenzeka.”

⁵⁶ Ngathi, “Kodwa mfowethu othandekayo, amadoda angeke abe nokukholwa ekuthinteni lesosihlahla. Ukukholwa kufanele kusekelwe kokuthile, futhi ngakho-ke, lapho umuntu engasekela ukukholwa kwakhe phezu kweZwi likaNkulunkulu, khona-ke ungakwazi ukuba nesineke ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.”

⁵⁷ Njengoba umfowethu omdala asho, umfowethu oyikhaladi, ezansi ezifundazweni eziseningizimu, wathi uncamela ukuma eZwini kunaseZulwini, futhi omunye wambuza ukuthi kungani, wathi, “Ngoba ‘Kodlula kokubili iZulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi aliyikudlula.’” Ngakho lokho kunjalo.

⁵⁸ Ukuma eZwini, khona-ke ungaba nokuthile, hhayi lokho okwashiwo omunye, okwafundiswa isikole esithile, lokho okwashiwo omunye umfundisi, okwashiwo omunye udokotela, kodwa ngu ISHO KANJE INKOSI, khona-ke ungabambelela.

⁵⁹ Futhi noma ngubani owenza noma yini, uma bezama ukuzuza okuthize, kufanele kuqala babe nokukholwa ukukukholwa, njengobaba wesizwe sakithi, ebizwa, umongameli wethu wokuqala, uGeorge Washington. Phezulu ogwini kancanyana, ngenkathi ngifunda lapha eminyakeni embalwa edlule mayelana noWashington, ngangibabonile, lapho ababanelelojazi okwadlula kulo izinhlamvu.

⁶⁰ Futhi sitshelwa ukuthi ngobusuku bangaphambi kweValley Forge, lapho ewela umfula, ekhuleka ubusuku bonke, kwaze kwaba eyakhe, kuthi ngqu ngaphezu kwezinqulu zakhe kwakumanzi lapho ayeguqe khona eqhweni, wayefuna intando kaNkulunkulu ngoba ayebhekene nabo babebukeka bebakhulu. IDelaware yayigcwele iqhwa, cishe ingxenye yamasosha aseMelika ayenezicathulo ezinyaweni zawo, kwakubonakala sengathi wayekhuzakile, kodwa wacela isiphophelo kuNkulunkulu.

⁶¹ Futhi ngakusasa wawela iValley Forge. Waba nesineke. Izinhlamvu zangena ejazini lakhe futhi zangamthintanga neze. Wayezama ukuzuza okuthize, ngakho wafuna uNkulunkulu futhi wathola impendulo, khona-ke wayesengaba nesineke.

⁶² Yilokho esikwenzayo. Kufanele uqale uthole intando kaNkulunkulu ngaphambi kokuba wenze intando kaNkulunkulu. Kumele wazi kuqala ukuthi iyini intando yaKhe endabeni, bese ungakudedeli. Futhi njengoba inenekazi lishilo namuhla, belizama ukweqa leso sivimbelo somsindo, khona-ke indiza ivele iphakamise isivini futhi iqhubeke ngokungenamkhawulo, lapho idlula isivimbelo somsindo.

⁶³ Awu, lapho ungakhuleka uze weqe isivimbelo sokungabaza, khona-ke usugijima ngokukhululeka, ungaqhubeka. Futhi khona wena u...akukho lutho olungakukhathaza ngalesosikhathi, ngoba ugijima ngokukhululeka, wedlula ukungakholwa, sekuxazululiwe, sekuphelile. Lapho uthola isiqiniseko enhliziyweni yakho ukuthi kuzoba njalo, ujabule nje sengathi besekwenzekile vele.

⁶⁴ Isibonelo nje, mhlawumbe ulofu wesinkwa, ukube bengilambile, nolofu wesinkwa ubungasindisa ukuphila kwami, futhi n bengiyocela isinkwa, futhi enye indoda ibiyonginika amasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi lelo yinani lokuthenga ulofu wesinkwa, ngingajabula nje ngibambe amasenti angamashumi amabili nanhlanu esandleni sami ngendlela engingenza ngayo ngingolofu wesinkwa, ngoba ngamandla okuthenga. Amen. Mina...Khona-ke sengikutholile, anginaso isinkwa, kodwa nginamandla okuthenga, awu, lokho ukukholwa.

⁶⁵ Lapho ungakhuleka uze uthole isiqiniseko, ungajabula nje uma umdlavuzo usuhambile, umemeze kakhulu nje, ngoba unamandla okuthenga, ukukholwa okuhambisa into, khona-ke uba nesineke. Akekho ongakutshela noma yini ehlukele, akunandaba ukuthi noma ubani uthini ngalesosikhathi, ususeqile isivimbelo somsindo, usukhululekile-ke; ukuthenga nokuphikelela.

⁶⁶ UNowa, njengoba sikhulume kuye izolo ebusuku, noma, ngaye, lapho ezwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuye futhi limtshela ngokwahlulela okuzayo, emva kokuba ezwe iPhimbo likaNkulunkulu linikeza u-ubufakazi kuye okwakuzokwenzeka, futhi wamakhela, noma, wamyala, njalo, uxolo, kulokho okwakumelwe akwenze, waba nesineke kakhulu.

⁶⁷ Abahleka usulu babengenalutho. Kungenadaba ukuthi bangaki abefundisi abasukuma bathi, "Nowa, unephutha," waqhubeke waphikelela ngqo, wakha umkhumbi noma kanjani. Abahleka usulu babengafika ngezinkulungwane bathi, "Bheka inhlobo endala, mbheke!"

⁶⁸ Isayensi yayingama lapho, futhi yathi, "Nowa, buka lapha, mfo, siyakuthanda, kodwa ulahlekelwe umqondo wakho. Sinethuluzi lapha elingadubula kuze kufike enyangeni, futhi singafakaza ukuthi akukho mvula noma amanzi

phakathi kwalapha nalaphaya okungaminzisa umhlaba. Bheka kulelithuluzi, lizokufakazela.”

⁶⁹ UNowa wayeyokwenza lokho...kungenzeka ukuthi washo into efana nalena: “Angikhathali ukuthi ithuluzi lakho lithini. Ubheke lelothuluzi, ngibheke kuNkulunkulu nalokho Akwethembisa.” Yilokho-ke, kuya ngokuthi ubukani, ukuthi ukukholwa kwakho kukuphi. Manje, uma ithuluzi likumemezela, yilokho kuphela ukuqhubekela phambili ongakuhamba, uma ukukholwa kwakho kusethuluzini.

⁷⁰ Njengomfowethu omdala oyigugu...Ngabizwa, kucishe kube seminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, ukuthi ngikhulekele umfana ofayo enalesisifo esimnyama, wayenenkathazo yenhliziyo, futhi babethathe ishathi elikhombisa ukushaya kwenhliziyo, futhi kwabonisa ukuthi inhliziyo yakhe yayiphansi kakhulu, ngiyakhohlwa ukuthi ukushaya bekuyini, kodwa ubehamba.

Umama omdala nobaba bangibiza emhlanganweni, futhi bahlala ezitebhisini izinsuku ezimbili noma ezintathu, bathi, “Uma ungezi . . .”

Futhi ngathi, “Awu, thola umuntu othile.” Washo lokho... Ngathi, “UNkulunkulu unamadoda aKhe yonke indawo.”

Wathi, “Kodwa, Mfowethu Branham,” wathi, “awuqondi.” Ngathi... Wathi, “Ngingakuchaza na?”

Ngathi, “Ngizozama ukukuqonda.” Futhi ngathi, “Ngikhathele, futhi akulungile ukuba ngiye kwenye indawo uma ngingakwazi ukuya kwenye.”

Wathi, “Kodwa . . .”

Ngathi, “Ngaphandle uma uMoya oNgcwele uzongitshela ukuthi ngihambe.”

⁷¹ Wathi, “Kodwa bheka,” wathi, “sihlale kulowo mhlangano iviki lonke.” Wathi, “Siyazi ukuthi akunakwenzeka, ngoba abantu bakithi uqobo komakhelwane bethu bebehlezi kulowo mhlangano, wamabandla ehlukene amahlelo, noMoya oNgcwele ubatshane khona impela ukuthi benzeni, nokuthi kwenziwa kanjani emsamo, futhi kube yilokho impela okwashiwo uMoya.” Bathi, “Mfowethu Branham, siyazi ukuthi ubungeke ukwenze lokho, ukuthi kufanele kuvele kuNkulunkulu.” Wathi, “Ngakho-ke, uzofika futhi ukhulekele umfana wami,” ubabayi omdala wathi, “uzophila.”

⁷² Awu, waba nesineke, waphikelela kakhulu. Ngakho ngathatha ijazi lami ngasuka ngahamba, ngaya esibhedlela, nodokotela wangihlangabeza, futhi wathi, “Bengingeke ngimkhathaze,” wathi, “umfana angase afe nganoma yimuphi umzuzu.” Nodokotela wayengowelinye ihlelo lebandla, ngoba ngimbuzile.

73 Ngathi, “Kodwa, Mnumzane, u—umfana uyafa.” Ngathi, “Ingabe ungumKristu na?” Wathi wayengowelinye ibandla, ihlelo *elithile*. Ngathi, “Awu, uma umpristi wakho engeza, nalowo mfana engowehlelo elifanayo ongowalo, futhi lowompristi wayefuna ukumnika imisa lokugcina, ubungamyeke lowompristi ahambe na?”

Wathi, “Impela.”

74 Ngathi, “Awu, uma . . . Lobaba ukholwa yilokho, kakhulu nje, uma ngingakhulekela lowomfana uzosinda, njengoba ukholwa ukuthi umfana ubengasindiswa, uma umpristi emnika imisa lokugcina.” Kwadingeka ngiphikelele kancane, futhi. Ngakho wangingenisa, umhlengikazi omncane waphakamisa ikhala lakhe elincane wabuyela emuva.

75 Ngakho saguqa ngaphesheya kombhede, umfana wayequlekile. Ngakho, ngabeka izandla zami phezu komfana futhi ngakhuleka amazwi ambalwa nje omkhuleko, futhi ngathi, “Baba Nkulunkulu, angiqondi, kodwa lelikhehla bandla liyamemeza, futhi lingicele ukuba ngize lapha. Futhi into kuphela engikwazi ukuyenza ukucela Wena, futhi mina,” ngathi, “Ngiyakhuleka ukuthi Uzophephisa impilo yomfana, eGameni leNkosi uJesu,” futhi ngasukuma.

76 Nobaba omdala waphendukela kumama, wamgaxa entanyeni, futhi baqala ukugonana basula nezinyembezi emehlweni abo, futhi ethi, “Akumangalisi yini, Mama na?” Ngase ngibheka, nalowomhlengikazi omncane wavele waphendula ikhanda lakhe futhi wabheka.

Wayesethi, “Cabanga ngakho yena, uBob uzophila. O, siyakubonga Nkosi,” basho.

77 Nomhlengikazi omncane . . . Bafika ngaphesheya kumfana, bangixhawula, futhi bathi, “Siyabonga, Mfowethu Branham, ngokulalela iNkosi, ukuza ukhulekele umfana wethu umkhuleko wokukholwa.” Angibanga ngisasho okungaphezu komkhuleko.

Futhi khona-ke umhlengikazi wathi, “Mnumzane, angikholwa ukuthi uyaqonda.”

Wathi, “O, yebo, ngiyaqonda.”

Wathi, “Uthi uyamthanda umfana.”

Wathi, “Impela, siyamthanda umfana.”

78 “Awu,” wathi, “uyabo . . .” Owesilisa wathi . . . Owesifazane wathi, “Ungakwenza kanjani lokho lapho umfana efa na?” Wathi, “Manje, kuwo wonke umlando wezokwelapha lapho lento *ethile*,” angazi ukuthi bekuyini, “ithuluzi lehla phansi kanjalo, umfana akasakwazi ukupompa abuye futhi.” Futhi wathi, “Uyabo, umfana angafa noma ngamuphu umzuzu, inhliziyo yakhe iyashaya kuphela nje . . .” Ngiyakhohlwa ukuthi ukuphefumula kwakhe, kwakukubi kakhulu, futhi inhliziyo yakhe yayiyimbi kakhulu, wayenamavalvu avulekile nakho

konke okukuyo, futhi elinye lamavalvu lalivalekile noma okuthize.

⁷⁹ Futhi wathi, “U—uqulekile manje, usebuthaka ngisho nakakhulu ukuthi azi noma yini.” Futhi wathi, “Khona-ke ungama lapho uhleke futhi uqhubeke kanjalo,” wayengazi ukuthi hlobo luni lokuqhubeka okwakuyilo, “futhi uthi, uziphathe kanjalo futhi indodana yakho ifa!”

⁸⁰ Futhi umnumzane ohloniphekile omdala, angisoze ngamkhohlwa, waphenduka futhi wabeka isandla sakhe, njengobaba, emahlombe enenekazi elincane cishe elineminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, umdlwembe omncane, niyakwazi lokho, niyazi, u-Annie omncane, futhi wathi, “Lalela, s’thandwa,” wathi, “uyazi, ubheke lelo thluzi,” uyabo, futhi wathi, “yilokho kuphela okwaziyo ngakho, kodwa,” wathi, “ngibheke esithembisweni eZwini likaNkulunkulu.” Wathi, “Umfana wami uzophila, ngokuba Wathi, ‘Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo,’ futhi lokho kukhulekelwe phezu komfana wami.”

⁸¹ Awu, lokho kuthi akube seminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, umfana uganiwe futhi unabantwana ababili. Niyabo, ukuphikelela, ukuthi uzokholwa kungakhathaleki ukuthi ithuluzi lisho noma yini. Ukukholwa kwakhe kwakungekho ethuluzini, kwakusesithembisweni sikaNkulunkulu.

⁸² UNowa, emva kokuba esezwile isithembiso sikaNkulunkulu, wayengakwazi ukuphikelela, ukuba nesineke.

⁸³ UMose, wayazi ngobuhlakani, ngonina omesabayo uNkulunkulu, uDadewethu othandekayo uJokebedi, wayemuzwe efundisa ngendlela yobuhlakani, ukuthi impilo yakhe yasindiswa kanjani ezingwenyeni, nokuthi uNkulunkulu wayemenze kanjani umntwana ofanele, futhi wazalelwa ukuba ngumkhululi, nokuthi kanjani uMiriya, udadewabo, umprofethikazi, wayemlandele wehlela ogwini lokugeza, lapho indodakazi kaFaro yayigeza khona, nokuthi uNkulunkulu wayemkhuphule kanjani futhi—futhi wamkhulisela khona ngqo esigodlweni sikaFaro, nokuthi wayezobakhulula kanjani abantwana.

⁸⁴ Manje, ngobuhlakani wayekwazi lokho. Kodwa, niyabo, iphutha lokuqala elincane. . . O, ningakugeji, bandla. Ungahle ukwazi ngokombono weZwi, unahle wazi ukuthi iBhayibheli lathi umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, kodwa uyakhuleka kuze kube uNkulunkulu uthi umkhuleko wokukholwa *uyakumsindisa*. Lokho kuhlukile.

⁸⁵ UMose wazi ngobuhlakani ukuthi wayengumkhululi, kodwa esecabanga ukuthi abantwana bakaNkulunkulu bayomqonda lapho ebulala umGibhithe, kwavela inzwabethi encane yokuqala, akazange abe nesineke nhlobo. Ngaphambi nje kokuba kuze kufike kuFaro, wathatha waya ehlane, ngoba

wayengenaso isineke, wayengenaso isiqiniseko kakhulu, wayekwazi nje ngokombono weZwi, isithembiso.

⁸⁶ Kodwa ngolunye usuku wabona isihlahla esasivutha, futhi sasivutha, futhi asishanga. Ngakho uMose wathatha, wakhuphukela entabeni, futhi okuhlezi emuva kulesosihlahla kwakuyileyoNsika yoMlilo enkulu eyayizomhola zonke izinsuku zakhe. Futhi kuleNsika yoMlilo kwakhuluma iPhimbo, “Ngizibonile izinhlopheko zabantu baMi, Ngizwile ukububula kwabo; futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi ku-Abrahama, futhi Ngiyehla ukubakhulula. Manje, yehlela lapho.”

⁸⁷ Manje, ukhuluma ngokuba nesineke! Wenyukela ngqo ebusweni bukaFaro, wathi, “Bayeke bahambe!” Kungani na? Wayekhulume ubuso nobuso noNkulunkulu waze waba nokuthunywa kwakhe.

⁸⁸ Ngicabanga ukuthi uma abazalwane abangabefundisi namhlanje bebengeke nje bakuthathe ngokombono wobuhlakani, kodwa bebengazitholela indawo ngemuva kogwadule kulezo zihlabathi ezingcwele, lapho uSathane engakwazi ukubeka izinyawo zakhe ezingcolile zokungakholwa, futhi uhlale lapho kuze kufike umlayezo ovela kuNkulunkulu futhi akubeke ngokwendawo, akubeke enkonzweni, khona-ke bonke odeveli abaphuma ekuhlushweni abakwazanga ukukunyakazisa bakususe kukho, uyazi ukuthi ubiziwe.

⁸⁹ Ngicabanga ukuthi umKristu ngamunye ubefanele ukwenza lokho, ngaphambi kokuba uphume futhi uvume uMoya oNgcwele, uvume ukuthi unombhaphathizo, bekufanele kube nokuxhumana okunjalo komuntu siqu noNkulunkulu kuze kube yilapho bonke abanobuhlakani emhlabeni bengakwazanga ukukuchaza bakususe kuwe. Uyazi, ubulapho, ubunofakazi, uyazi ukuthi kunjalo.

⁹⁰ Lokho kuyisidingakalo. UJesu watshela kubafundi, “Lindani, niyayazi ingxenye yobuhlakani, niyalazi iZwi, kodwa lindani phezulu lapho emzini waseJerusalema, nize nembathiswe aMandla avela Phezulu.” Khona-ke bakwazi.

⁹¹ O, he! Kanjani uDavide omncane, emuva le ngemuva kogwadule, omncane, obomvana, umfo onamahlombe aqhothile elusela uyise izimvu zakhe lapho, ngolunye usuku ibhere langena lathatha iwundlu, futhi wasuka walilandela, wase ethatha indwayimane yakhe encane wase elibulala ibhere!

⁹² Kwase kuthi-ke futhi, ibhubesi langena lathatha elilodwa, lase liphuma ligijima nezinyane. Futhi, uDavide omncane, kwakuyimvu kayise lezo, futhi wayilandela ngendwayimane encane, hhayi ngesibhamu esikhulu imaginamu manje, ngendwayimana enedwala kuyo, kodwa ithemba lakhe lalikuNkulunkulu. Walijikijela idwala, washaya ibhubesi, walishaya walilahla phansi, futhi kwathi lapho ibhubesi

liphakama, walibulala, wabuyisa imvu. Wayephikelela, ngoba, ngani na? Wayenesiyalo sezimvu zikayise.

⁹³ Ngicabanga ukuthi lokho bekufanele kube umuzwa wawo wonke umfundisi, sinokuyalwa okuvela kuNkulunkulu ngezimvu zikaBaba. Udeveli omdala wokugula usegadle phakathi kwenu maKristu; uzama ukukukhipha. Mina, ngokungabinamfundo, a—a—angazi lutho ngemithi, kodwa okuwukuphela kwento enginayo yilendwayimane yomkhuleko, Ngiyakulandela kulobubusuku, ngifuna ukukubuyisela emuva. Wethembisa umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.

⁹⁴ Mhlawumbe abanobuhlakani abakhulu, imithi emikhulu yesayense nezinto, bangahle bakuhleke, Angazi lutho ngalokho, njengoDavide, lapho ezama ukuthatha inkemba futhi agqoke ibhantshi likaSawule lobufundisi, alizange limlingane. Aliyilingani neze indoda kaNkulunkulu yangempela. Kodwa wacasha, wathi, “Ake ngihambe nalokho engikufakazisile.”

⁹⁵ Yilokho kuphela engikwaziyo, maKristu, ukuhamba nalokho engikufakazisile ukuthi kuliQiniso, lelo yiZwi likaNkulunkulu, iZwi laKhe, limi khona lapho. Lilandela abantwana baKhe abagulayo, masibabuyisele emadlelweni aluhlaza anomthunzi, nasemanzini athule, nempilo enhle, amandla okuqina.

⁹⁶ USamsoni omdadlana emi phandle lapho, futhi wabamba, njengoba sikhuluma ngaye ngobunye ubusuku, namaFilisti emzungeze nxazonke, wayengenalutho ngaphandle komhlathi womnyuzi, kodwa lapho esekwazi ukufinyelela emumva futhi ezwa lawomagoda amancane ayisikhombisa, waphikelela kakhulu.

⁹⁷ UShamgari, abantu abaningi abakaze bafunde ngaye eBhayibhelini, wayengomunye wabahluleli bakwa-Israyeli. Indinyana eyodwa nje encane yabhala ngaye, kulo lonke iBhayibheli. Kodwa lapho emi lapho, ngemva kokuba ukuvuna kwakhe sekuphelile, abantwana bakhe abancane babebukeka bezacile futhi bempofu, umkakhe, mhlawumbe imikhono iphumile engutsheni yakhe, amaFilisti ayengena ngqo, athathe yonke into ababenayo ngokushesha nje lapho esekulungisile konke. Basukuma baya endaweni enhle, khona-ke amaFilisti ayengena futhi akususe kubo.

⁹⁸ Ngakho sekuthi akube yisikhathi wakhipha konke okusanhlamvu kwakhe enqolobaneni, wacabanga, “Awu, mhlawumbe singaphila, futhi ngingathengisa okuncane kwakho, futhi ngitholele amantombazane ami izingubo ezincane, nezicathulo zomfana wami, futhi mhlawumbe ngikwazi ukutholela unkosikazi ingubo encane, eshibhile kulonyaka,” futhi wezwa okuthize, wadonsela emuva ifasitela lesivalo senqolobane futhi walunguza lapho, umnyango wenqolobane, njalo, wayeselunguza ngaphandle. Nakhu kufika

amaFilisti ayinkulungwane, izikhali, imikhonto, izinkemba, amadoda aqeqeshiwe, *gqishi, gqishi*, ekhuphuka, ekhuphuka ngqo ngothelawayeka, nakho babeqoqa okusanhlamvu kwakhe.

⁹⁹ Wama lapho. Manje, wayengesiso isilwi, wayengumlimi, wayengenayo ngisho nenkemba, ngokwazi kwethu, kodwa kwenzeka wakhumbula, “NgingumJuda futhi ngisokile, ngingumntwana kaNkulunkulu, nginelungelo. Nginokufinyelela kuNkulunkulu ofanayo kaDavide, nginokufinyelela kuNkulunkulu ofanayo kaMose, ngi, nginokufinyelela kuNkulunkulu kaDaniyeli ofanayo.” Futhi yena, uMoya wehlela phezu kwakhe, wayesedumela induku yokuqondisa izinkabi, wayesephumela lapho, futhi waphikelela, futhi wabulala inkulungwane yamaFilisti ngenduku yokuqondisa izinkabi, induku, lokho abashaya ngakho inkabi, wabulala inkulungwane yamaFilisti.

¹⁰⁰ Ngake, ngesinye isikhathi, ngingena enkundleni yezemidlalo lapho engangizoshumayela khona, futhi kwakukhona insimu enkulu yabantu, izinkulungwane eziningi, ezilindile. Futhi ngafunda okuthize okuncane kuleyo nkundla yezemidlalo, khona njalo, kwakuyinkundla yezemidlalo yebhola lezinyawo, kwakuhlala kungikhuthaza. Kwakukhona uphawu oluncane lapho, lwaluthi, “Akubona ubungako benja ekulweni, kodwa ubungako bokulwa enjeni.” Ngakho ngicabanga ukuthi lokho kuyinqwaba yakho, wukuthola inqwaba yokuza komKristu wangempela ekuphikeleleni. “UNkulunkulu wakuthembisa, futhi kungokwami!” Kulungile.

¹⁰¹ UJohane umBhaphathizi wayephikelele impela. Babezothi, mhlawumbe uKayafase, noma abanye babapristi bayophuma futhi bathi, “Nangu uMfu., uDkt., Ph.D. *S’bani-bani*. Awucabangi ukuthi ufanela uMesiya?”

UJohane wathi, “AkusiYe.”

Waletha omunye, “Nansi indoda elungile. Kuthiwani ngayo na?”

“Akuyena Lowo,” ngoba wayazi ngenkathi ebona leloJuba lehla livela eZulwini, ukuthi kwakuyoba nguYe, khona waphikelela.

O, kuningi kakhulu eBhayibhelini ukukhuluma ngakho, angisoze ngafinyelela kukho.

¹⁰² Ake sifinyelele kowesifazane ongumGreki. Okokuqala, wayengumGreki, wayengesuye umJuda, wayengoweZizwe, kodwa wayezwile ngodumo lukaJesu, wayezwile ngabagxeki futhi, ukuthi babeMgxeka kanjani; kodwa akazange anake abagxeki, wayelalele udumo.

¹⁰³ Yena, engumGreki... Uyazi, uhlala unokuthile okuphazamisayo. Kodwa uyazi, *ngandlela thize-enye*, ukukholwa kuthola umthombo abantu abangawuboni.

Ukukholwa kuthola umthombo wakho, abantu abakuboni lokho. Ngakho kumelwe ukuba kwakunjalo ngalowesifazane omncane, ukuthi ukukholwa kwakuthole umthombo. “IZwi likaNkulunkulu,” IBhayibheli lithi kumaHeberu 4:12, “liyiNkemba,” LiyiNkemba, “lisika umnkantsha ethanjeni, lize lahlukhanise, emoyeni, futhi LaHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi.” Yilokho iZwi eliyikho.

¹⁰⁴ Yingalesosizathu uJesu wayekwazi ukwehlukhanisa okwakusemcabangweni wabantu, ngoba WayeyiZwi. Futhi uma iZwi lihlala kuwe, futhi-ke Alisiwena, YiZwi eliphumayo futhi lehlukhanisa. Futhi yinye kuphela into engaphatha Lokho, leloZwi. Akuyona imfundo, ngizokuqinisekisa lokho. Ukukholwa yiyona kuphela into engaphatha leyonkemba yokukholwa. Njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, ukukholwa eZwini likaNkulunkulu kuzodabula imbobo kunoma yibuphi ubunzima, kodwa ufanele uLikhholwe.

¹⁰⁵ Wayenezithiyo eziningi, wazenzela yena, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo izithiyo. Qhabo, ukukholwa akunasithiyo, ukukholwa kuyakukholwa nje. Akunasithiyo nakancane, usuvele udlule isivimbelo somsindo, njengoba inenekazi belikhuluma ngakho. Ukukholwa akunasithiyo, ungahle ube naso, kodwa ukukholwa kwakho akunaso. Ukukholwa kwakho akunazithiyo nhlobo.

¹⁰⁶ Angase...Bangase bathi kuye, “UngumGreki, awufanele uye laphaya, lowo ngumJuda. Lowo ngumJuda abasho zonke lezizinto ngaye, wena ungumGreki.”

¹⁰⁷ Kodwa, niyabo, babezama ukuba nesivimbelo sohlanga lapho, kodwa ukukholwa akusazi isivimbelo sohlanga, akusazi nhlobo, qhabo, ngoba ungahle ukuba wacabanga lokhu: “Uma EnguLowo engikholwa ukuthi Unguye, UnguNkulunkulu, futhi uma EnguNkulunkulu, UnguMdali wazo zonke izidalwa. Uma EnguNkulunkulu kuphela, UnguNkulunkulu wayo yonke indalo, futhi uma Engeyena uNkulunkulu wendalo yonke, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.” Leyo yindlela enhle yokukubuka.

¹⁰⁸ Awu, akunandaba noma wayengumGreki, wayelokhu ephikelela, wayenesineke. Khona-ke kungenzeka ukuthi kukhona owaqhamuka nalesisaga sakudala, niyazi, njengoba besenaso nanamuhla, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo.” Kodwa kungakhathaleki ukuthi bangaki abampongozelelayo, “Izinsuku zezimanga selwedlule,” wayesaphikelela. Lokho kwakungaba ngokwalabo ababekukholwa, kodwa hhayi okwakhe, kukhona okwase kwenzekile ngaphakathi okwamazisa ukuthi kwakungakadluli.

¹⁰⁹ Futhi kuze kube yilapho udlula kuleso sizimbelo, awusoze wenza lutho oluhle. Kufanele udlule kuleso sivimbelo, “UNkulunkulu wayekhona, kodwa akekho manje,”

UsenguNkulunkulu uma Wake waba nguNkulunkulu. Futhi uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namuhla, Akazange abe nguNkulunkulu. Niyabo? Yilokho kuphela. Kungukuthi, umuntu walahlekelwa ukukholwa kwaKhe, hhayi ukuthi uNkulunkulu walahlekelwa amandla aKhe, uNkulunkulu wabuyela esithembisweni saKhe; kungukuthi, umuntu wabuyela emuva esithembisweni ukuba akholwe.

¹¹⁰ Wayesalokhu enesineke. Ukuba izinsuku zezimangaliso zadlula kubo bonke, kwakungekhona okwakhe. Kungani na? Wayeshaye wadlula kuleso sivimbelo somsindo. Wabamba okuthize, kukhona okwakumshayile.

¹¹¹ Awu, kuhlala kunelinye iqembu enenekazini elincane kanjalo. Kungenzeka ukuthi abanye babo bathi, “Uyazi ukuthini? Umyeni wakho ungosomabhizinisi, usonta ebandleni elikhulu ngale ngakulohlangothi, futhi uma wehlela *lapho* kuleloqembu, umyeni wakho uzokushiya.” Manje, leso yisithiyoy esikhulu okumele usidlule, kodwa ngiyakutshela, uma uke wabamba ukukholwa njengoba enza, lokho ngeke kwenze mehluko. E-hhe. Kulungile. Lokho akwenzanga mehluko kuye, umyeni noma akukho myeni, wayesendleleni eyohlangana noJesu. Niyabo? Wayenesineke.

¹¹² Futhi-ke kungenzeka kwaba neqembu elihlala limile, lithi, “Kodwa ima kancane, uma wehlela lapho, Lydia,” noma ngabe wayengubani igama lakhe, “uyazi, uzoba yinhlekisa yesizwe sethu, ngoba uyazi ukuthi ayikho into enjalo ezansi lapho, futhi uyazi ukuthi leyo yingane kwane yamaJuda nje. Babenalo lonke lolohlobo lwezinto, kodwa, sizwile ngakho, kodwa akulutho ngaphandle kwesaga nje, iculo abaliculayo.” Niyazi, basenalo leloqembu. Ya. Ngakho, kodwa lapho efika kuleloqembu, wayezoba yinhlekisa, kanjalonjalo, waba nesineke kakhulu, waqhubeka ngqo wadlula kubo.

¹¹³ Kulungile. Kwase-ke kufika iqembu labefundisi. O, he! Lokho kubi ukukudlula. “Manje, buka lapha...” Ngimbize ngoLydia, ngethemba ukuthi akekho uLydia lapha, kodwa kungase kulunge. Ngithemba ukuthi unokukholwa okufanayo ayenakho. Ngakho-ke, lapho uLydia efika kuyinhlangano yabefundisi bathi, “Into eyodwa kukho, uyazi ukuthi uyilunga phezulu lapha lebandla lethu, futhi lelo yiPentecost...” noma uhlobo oluthile lweqembu ezansi lapho, uyazi. Noma kunjalo, wathi, “Uma wehlela lapho, sizokunikeza irekhodi lakho lebandla, incwadi yakho, sizokukhipha encwadini ngqo. Thina...Ungeke usakwazi ukubuyela ebandleni. Sizovele sikuxoshe nje, futhi uzoba yinhlekisa, umyeni wakho uyokulahla ngesehlukanisano, futhi uzoshadelwa ngowesifazane obukeka kangcono kunawe,” nazo zonke lezizinto.

¹¹⁴ Kodwa lokho akuzange kumvimbe nakancane, incwadi yabandla noma lutho olunye akuzange kumvimbe. Kungani

na? Wayezwile. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Waba nesineke, waminyezelana ngqo kuzo zonke izithiyo.

¹¹⁵ Manje, ufika kuJesu. Manje, wacabanga, “Konke sekuphelile manje.” Yileyondlela abanye abantu abacabanga ngayo lapho bethola uMoya oNgcwele, “Konke sekuphelile.” Kuyaqala nje, niyabo, kungaleso sikhathi lapho odinga khona ukuba nesineke, lapho ufika.

¹¹⁶ Lapho efika kuJesu, uJesu wathi, umnika ukunyakaza okunzima ngempela. Ngikholwa ukuthi Wayazi ukuthi wayeza. Ngakho, lapho efika, Waphendukela kuye futhi wamazisa ukuthi Wayengathunyelwanga ohlangeni lwakhe. O, he, bekungaba ukudumazeka okunje pho!

¹¹⁷ O, kodwa kwenzani na? Lokho akuzange kumvimbe nakancane, lutho nhlobo, noma kunjalo waMbiza ngeNdodana kaDavide. Kusobala, oweZizwe akanawo amandla kuKristu ngegama leNdodana kaDavide. Qhabo, qhabo. Niyabo, iNdodana kaDavide yayingaphansi koBukhosi, noKristu uyiNkosi yamaJuda. Kodwa eBandleni, Akasiyo iNkosi, UyiNkosi, amen, UnguMyeni, njengoba uSara abiza u-Abrahama ngokuthi inkosi yakhe. UyiNkosi yeBandla, kodwa iNkosi yohlanga lwamaJuda.

¹¹⁸ Ngakho lapho ekhuleka kuYe futhi ethi, “Nkosi, ngisize,” uJesu wathi, “Kodwa niyazi, akulungile kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, futhi ngisiphonse kinina zinja.”

¹¹⁹ O, he! Ukuba lowo bekungaba yiPentecostal yesimanje, ubeyophakamisa lelokhala elincane futhi athi, “Ngeke ngiphinde ngiye emhlanganweni onjalo.” Kungani na? Abanakho ukubamba ayenakho. Kunjalo. Wayebambile, wayezwile, futhi ukukholwa kwakukubambile. Wayenesizathu, wayenesidingo, futhi wayengeke nje adedele. Kunjalo. Ngiyakuthanda lokho. Yebo, mnumzane. Noma kunjalo wabambelela, nakuba wayebizwa ngenja, nohlanga olwalungaphansi kunezinja.

Wathi, “Angithunyelwanga ohlangeni lwakho. Ngithunywe kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu ka-Israyeli.”

Futhi wathi, “Nkosi, ngisize.”

Wathi, “Akulungile kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, ngisiphonse ezinjani.” O, he!

¹²⁰ Wayengesona isitshalo esitshalwe embhedeni, okufanele sitotoswe. Qha, qha. Qha, qha. Wayengesona isitshalo esitshalwe embhedeni, okufanele sitotoswe. Wayengesiso esibhasteliwe sesimanjemanje, *okuthiwa* ikholwa, lesitshalo namhlanje. Kukhona ayekubambile. Hhayi, “Awu, ngiyiMethodisti, futhi angidingi ukukuthatha lokho.” “Makabongwe uNkulunkulu, ngingowe-Assemblies.” “NgingoweChurch of

God, angifanele ukukuthatha lokho.” Qhabo, qhabo. Lolo wuhlobo olubhasteliwe, ukhuliselwe enhlanganweni ethile. Kodwa owangempela weqiniso, umKristu wohlobo uzalwa yiZwi likaNkulunkulu futhi abambelele, akunandaba ukuthi kwenzekani.

¹²¹ Noma yini ebonakala iyisimungulu kimi umnyuzi. Umnyuzi awazi ukuthi uvelaphi. Akayena umnyuzi, futhi akalona ihhashi, uyingxube phakathi komnyuzi nehhashi. Akamnene, unenhliziyi embi, uphansi, uzolinda impilo yakhe yonke ukuze athole, akukhahlele ngaphambi nje kokuba afe. Ungambiza, uzovele amise izindlebe ezinkulu, “O, o.” Niyabo? Akazi. Kunjalo. Ubhasteliwe.

¹²² Yileyo indaba ngebandla namhlanje, *ababizwa* ngamaKristu ababhasteliwe abaningi kakhulu. Kulungile. Babisa izindlebe zabo, bathi, “O, izinsuku zezimangaliso selwedlule. O, o.” Awazi noma ungumKristu noma uyisoni, awazi noma uyikhohla noma ongakhohla. Obhasteliwe!

¹²³ Noma yini ibhasteliwe ingaphandle komgwaqo wangempela, omkhulu, ogandayiwe. Besifanele sibe nesikhathi esincane, sikhulume ngokuthi *IMbewu Yasekuqaleni*, sibone ukuthi ivelaphi. Obhasteliwe, awazi ukuthi ungowakuphi, awazi ukuthi uyise wayengubani, ukuthi wayengubani umama wawo, noma lutho. Qhabo, awazi, akanalo uhlobo lozalo, awukwazi ukuba uhlobo lozalo. Angeke uphinde uzizalanise.

¹²⁴ Yilokho-ke okuyindaba ngamabandla namhlanje, awakwazi ukuzizalanisa abuye. Abhasteliwe, awazi noma angakaNkulunkulu, noma ihlelo elithile. Into kuphela abangayiveza ilunga, hhayi umKristu. Halleluya! Mina, mhlawumbe bengingafanele ngikusho lokho, kwase kuvele kushiwo. Kulungile. Akazazi ukuthi ungowakuphi, uyazi nje ukuthi uyimethodisti, iBaptisti, noma iPentecostal, yilokho kuphela akwaziyo.

¹²⁵ Kodwa o, yeka ukuthi luhle kanjani uzalo lohlobo! O, he! Angakutshela ukuthi kwakungubani ubaba wakhe, umama wakhe, umkhulu wakhe, nogogo, nokhokho kanina, futhi yonke indlela emuva, uyazi. Umnene, unomusa, ungakhuluma naye, uyalalela, abeke ikhanda lakhe ehlobo lakho, ugcwele uthando. Ngani na? Ungowozalo lohlobo.

¹²⁶ Kanjalo nomKristu wozalo lohlobo ozelwe nguMoya kaNkulunkulu. Abangeni kunoma yikuphi ukuphikisana kwehlelo, bayazi ukuthi uBaba wabo ungubani, bayazi ukuthi bavelaphi, bayazi lapho uMoya uvela khona, bayazi ukuthi bazalwa ngobani. Abaphikisani nezivumokholo zakho. Ungakhuluma nabo ngothando, ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, zonke lezizinto ngoba bazelwe nguNkulunkulu. Ukuphikelela na? Kufanele ngisho! Akumele

ubashaye, bazowudonsa umthwalo noma kanjani. Kunjalo. O, he! Yeka ukuthi kuhle kanjani!

¹²⁷ AmaKristu abhasteliwe, leso yisilimo namuhla; hhayi yena, qhabo, mnumzane. Bhekisisani, ngenkathi uJesu ethi, “Angithunyelwanga ohlangeni lwakho,” emhlola...Wayebe nesikhathi esibi kabi sokufika kuYe, kodwa lapho efika kuYe, khona-ke waba nokudumala, “Angithunyelwanga ohlangeni lwakho.”

Kodwa lapho ethi, “Nkosi, ngisize,” Wathi, “Akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana, ngosiphonse ezinjaneni.”

Lalela lokhu: “Nkosi, lokho kuyiqiniso.” O, he! Ukukholwa kuyohlala njalo kuvuma iZwi kahle. E-hhe. Yebo, mnumzane. “Yiqiniso, Nkosi, kodwa ngifuna imvuthuluka kuphela.”

¹²⁸ Lokho akulona ikholwa lesimanje namuhla, “Uzokwehla ngqo futhi ukwenze ngendlela eNgifuna Wenze ngayo, noma a—a—angeke nje ngikwemukele.” Ya. Wayenjalo uNahamani, ezama ukuqeda uchoko lwakhe; kodwa ufanele ukuthathe ngendlela Akuletha ngayo. Futhi lapho ukukholwa kukubamba, uzoqhubeka nakho, yebo.

¹²⁹ Wayezingela imvuthuluka kuphela. Khumbulani, lona wesifazane wayengakaze asibone isimangaliso, wayengumGreki, kodwa wakukholwa noma kanjani. Wayefana nesifebe, uRahabi.

¹³⁰ Isifebe, uRahabi, lapho *ezwa*, lapho efihla izinhloli, wayengoweZizwe, umxoshwa, isifebe, kodwa wezwa, akashongo ukuthi, “Letha uJoshua lapha futhi ake ngimbheke. Ake ngibone ukuthi mude kangakanani, muhle kangakanani, uzikama kanjani izinwele zakhe, uzilungisa kanjani, mkhulu kangakanani, makhulu kangakanani amahlombe.” Wayengenandaba nokuthi ubukeka kanjani, wathi, “Ngikuzwile lokho uNkulunkulu akwenzele khona.” Nakho-ke. “Angikhathali ukuthi uJoshua ubukeka kanjani. Angikhathali noma unePh.D., noma iLL.D., noma akanalutho. Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu unawe, futhi ngifuna ukuvikelwa.” Amen.

¹³¹ Angikhathali noma bababiza ngabaginqiki abangwele, abashisekeli bePentecostal, iFull Gospel, noma ngabe kuyini, ngifuna uNkulunkulu. Ngifuna umusa waKhe, ngifuna amandla aKhe, ngifuna uthando lwaKhe, ngifuna intethelelo yaKhe. Angikhathali ukuthi ufanele ubizwe kanjani. Angidingi ukubona *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, noma ngabe Mkhulu noma mncane, noma ngabe Uyini, ngi—ngifuna nje ukuMbona. Ngifuna ukuba nomusa nesihe saKhe kimi; yilokho esikudingayo.

¹³² Qaphela, lona wesifazane wayenendlela efanele yokusondela esiphweni sikaNkulunkulu. Kwakungumehluko ongakanani kulabo baFarisi! Kwakungakanani kulawomaJuda, ababusi,

bathi, “Sithanda ukubona isimangaliso esivela kuwe” o, uhlangothi lwezenkolo!

¹³³ Kodwa lona weZizwe ompofu, omncane, ongenalwazi wathi, “Nje, Nkosi, ngifuna imvuthuluka nje.” Wathi, “I—i... Uyazi ukuthi izinja zidla imvuthuluka ewa etafuleni lenkosi yazo, yilokho kuphela engikucelayo.”

¹³⁴ Akazange athi, “Uzomele wehlele endlini yami ubeke izandla zakho phezu komntwana wami.” Akazange athi, “Uma Uzokwehla futhi ukhulume ngolunye ulwimi phandle ngaleya, futhi ungitshela konke ngakho, ngi—ngi—ngizokukholwa.”

¹³⁵ Wathi, “Ngifuna imvuthuluka kuphela, okuwile nje, yilokho kuphela engikufunayo.” Niyabo, wayenendlela yokusondela efanele, wayenendlela efanele yokusondela esiphweni sikaNkulunkulu. WayengoweZizwe wokuqala uJesu ake enza kuye isimangaliso, oweZizwe wokuqala. Ukukholwa njalo kuvuma ukuthi iZwi liqinisile, nokukholwa njalo kwenza ngokuzithoba. Ukukholwa njalo kuyavuma ukuithi iZwi liqinisile, futhi njalo kwenza ngokuzithoba.

¹³⁶ Bheka uMarta noMariya, lapho uMarta omncane kuhlekiswe ngaye kakhulu kangako, noma, kukhulunye ngaye ngokugcina indlu ihlanzekile, kodwa lapho uLazaru efa waya kuYe. Bukani ukuthi wayephikelela kanjani, enesineke: Kwadingeka edlule kubo bonke abagxeki ababethi, “Uphi lowomshumayeli ongumgingqiki ongcewele owayekhona lapha, owazisho ukuthi wayemthanda umfowenu *kangaka* na?” Niyabo?

¹³⁷ UJesu wayazi, uBaba wayeMtshelile, “Hamba ulinde aze afe uLazaru, futhi NgizoKubuyisela emuva,” ngoba Washo njalo, Wathi Akenzanga lutho Waze Wabona uBaba eMkhombisa kuqala. Kunjalo.

¹³⁸ Ngakho Wahamba, futhi bathumela ukuMbiza, futhi Akafikanga, ngicabanga ukuthi wahlekwa ngalesosikhathi, “Ukuphi na? E-hhe, uyagijima.” Wase-ke ethumela futhi, futhi Wagijima futhi, waya komunye umuzi.

Khona-ke, ekugcineni, Waphenduka, wathi kubafundi baKhe, “ULazaru ulele.”

Bathi, “Awu, wenza kahle.”

Wathi, “Ufile. Futhi ngenxa yenu, Ngiyajabula ukuthi beNgingekho. Kodwa Ngizohamba ngiyomvusa.”

¹³⁹ Kodwa uMarta omncane akaMzwanga esho lokho. Nangu eza, ephikelela, wathi, “Nkosi, ukube UBulapha, umnewethu ngabe engafanga. Kodwa, nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona.” Ngiyakuthanda lokho. O, ngiyakuthanda lokho! “Nakalokhu, nakalokhu!”

Ungase uthi, “Mfowethu Branham, udokotela wangitshela ukuthi ngi... ”

“Kodwa, nakalokhu!”

“Ngineminyaka engamashumi amane ngigula.”

“Kodwa, nakalokhu, Nkosi!” O, he!

“Bengilokhu ngifuna uMoya oNgcwele isikhathi eside. Kodwa, nakalokhu, Nkosi, ngiseseBukhoneni baKho!”

¹⁴⁰ “Noma yini oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyokunika.” Futhi Waphenduka engenasikhuthazo esikhulu kakhulu. Niyabo, Uyakuvivinya, abone ukuthi uphikelela kangakanani, ungayeki. Futhi uma ukukholwa kubambelela ngempela, ngeke kuyeke. Wathi, “Nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika yona.”

UJesu waphenduka wathi, “Yebo, uMarta,” wathi, “umnewenu uzakuvuka ekuvukeni. Uzovuka ngosuku lokucina.”

Wathi, “Ya, Nkosi, ubengumfana olungileyo, ngiyazi ukuthi wayengumfana olungileyo, mina . . . konke engikukholwayo.”

¹⁴¹ UJesu wathi, “*Mina* ngingukuVuka nokuPhila; okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe kiMi kasoze afa naphakade. Uyakukholwa yilokhu na?” A, manje, lokho kwafinyelelisani kuye na?

¹⁴² Manje, wayenelungelo lokuMthethisa, futhi athi, “Kungani Ungezanga na? NgiKubizile. Ngashiya ibandla lami, ngashiya inhlangano yami, ngashiya abangani bami, ngayeka iphathi yamakhadi, angibange ngisaya emdlalweni wamakhadi wokuwaka, ngiwushiye, konke nokunci. Ngiyeza, ngikholwa kuWe.” Khumbulani uMoya oNgcwele wawungakafiki manje, ubafundise okwehlukile.

¹⁴³ Kodwa wathi, “Ngashiya konke, ngaKulandela, futhi lapho ngiKudinga, Awufikanga. Lapho ngithumele, Awunginakanga, waqhubeka; ngathumela futhi, futhi Awunginakanga.” Kwakubonakala sengathi wayengaba nempikiswano naYe, kodwa wakhohlwa yikho konke ngakho. Wayefuna ukufika kuYe, yingakho athola ayekucelile.

¹⁴⁴ Njengowesifazane waseShunemi ngaphambi kuka-Eliya, waphikelela, wakhuphuka futhi wawela ezinyaweni zakhe, futhi wathi . . . U-Eliya wathi, emva kokuba esetholile ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, watshela uGehazi, wathi, “Thatha udondolo lwami, hamba, ulubeke phezu kwengane.” Futhi wabopha ukhalo wahamba waqhubeka.

¹⁴⁵ Kodwa wayephikelela, ukukholwa kwakhe kwakungekho odondolweni, kwakukumprofethi, futhi wathi, “Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, nomphefumulo wakho ungafi neze, angeke ngikushiye.” Wayephikelela, akwakwazanga ukukubalekela, ngakho wabopha ukhalo lwakhe wasuka wahamba. Amen. Yilokho okuyikho.

¹⁴⁶ Uma owesifazane waseShunemi engaba nokukholwa okungaka kumprofethi, uma uMarta waba nokukholwa okungako kuJesu, kuthiwani namuhla lapho sineminyaka eyizinkulungwane ezimbili yezimangaliso zilokhu zitheleka njalo njalo na? Lapho emhlabeni wonke, nobusuku nemini, amahora angamashumi amabili nane, abantu bayaphulukiswa futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele emhlabeni wonke, izimangaliso zokuphulukisa, nokuvusa abafileyo, nokukhipha amademoni, asikwazi yini ukuphikelela ukubambelela eZwini likaNkulunkulu, sazi ukuthi akakhethi bala lamuntu, sibambe lapho, siphikelele aze Afike na? Impela, ukuphikelela, impela.

¹⁴⁷ Njengowesifazane, wehla etabernakele cishe eminyakeni emithathu edlule; Ngangiphakathi lapho ubusuku obubodwa. Owesifazane wayephakathi lapho, wayenesimila esinesisindo esingamaphawundi angamashumi amahlanu, wayephume *kanje*. Owesifazane angase abe lapha kulobubusuku. Ngangena ngomnyango ongemuva, ngase ngingena etabernakele elincane lapho, futhi ngangishumayela. Ngase ngiphenduka ngabuyela emuva. WayengowaseCalifornia, futhi wayengakwazi ukuhamba, futhi wayephikelela nokho. Bathi mina . . . Wathi, “Ngizela uMfowethu Branham ukuba angikhulekele.”

Futhi amanye amalunga athi, “Umemezele ukuthi ngeke akhulekele abagulayo namhlanje ebusuku.”

Wathi, “Uphuma ngayiphi indlela na?” Hhayi mina, wayenokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁴⁸ Ngakho amabili amalunga ebandla, noma amathathu, athola leli nenekazi elikhulu, elisindayo, futhi alithwala alizungezisa elisa emnyango omncane lapho engiphumela khona ngemuva kwetabernakele, ngingazi mina uqobo ukuthi lalikhona ukuba likhulekelwe, ngase ngiqeda ukushumayela, ngaqala ngaphuma, futhi langibamba ngomlenze webhulukwe, futhi labambelela lapho, lathi, “Mfowethu Branham, angeke ngithathe isikhathi sakho ukuba ungikhulekele, kodwa nje beka izandla zakho phezu kwami.” Yilokho kuphela. Lalizimisele.

¹⁴⁹ Cishe ngemva kwezinyanga eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili . . . Inenekazi elalimi lapho ngalobobusuku lalivuvukele *kanjalo*, odokotela babengeke balithinte ngeze.

¹⁵⁰ Libuyile emihlanganweni yami ezansi eCalifornia, ngizobe ngilapho futhi manje, belilokhu liya etabernakele kusukela ngalesosikhathi, njengoba nje ngiyisicaba, futhi lathi, “Noma yimuphi wabesifazane angeza, angihlole, alukho uphawu lommese kimi, into yangishiya.” Kungani na? Laliphikelele. Amen. Ukukholwa kwalo kwakumisiwe.

UKholo lwami alakhelwe kwilutho
KuneGazi likaJesu elinokulunga;
Lapho umphefumulo wami uphela amandla,
Khona Uyithemba lami nokuhlala kwami.

Ngokuba kuKristu, idwala eliqinile, ngimi;
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi
esibishayo.

¹⁵¹ Bephikelela, ukukholwa kwabo kwakubambe iZwi laKhe futhi abakudedelanga.

¹⁵² Njengoba uMikaya wayesezansi lapho phambi kuka-Ahabi noJehoshafati. Kwakukhona amashumi amahlanu, noma, qhabo, amakhulu amane, ngiqagele, kwaphuma amadoda aphucukile akahle, ondlekile, egqokile, abaprofethi baka-Ahabi. Baphuma lapho beprofetha, UJehoshafati, eyindoda elungile, kwakukhona into ethize engashayanga kahle nje, niyabo, wayengenakho ukukholwa.

¹⁵³ Bonke labobafo bemi lapho, lonke ikholiji laliphumile, futhi bathi, “Bheka lapha, khuphuka, Ahabi,” ngoba babehlulela, “izwe lingelakho, iRamoti-Gileyadi, lingeyakho, ngakho lingelakho. Khuphuka futhi ulithathe, iNkosi inawe.”

UZedekiya wayenezimpondo ezinkulu, ezinjengalezi, wathi, “Ngalokhu uzobaqhubukusha baphume ezweni.”

UJehoshafati waqalaza, wabona ukuthi kwakungekho kukholwa, “Akunandaba,” wathi, “lapha,” wathi, “awunaye emunye na?”

¹⁵⁴ Wathi, “Omunye na? Kunamakhulu amane angcono kunabo bonke. Bafundile, baqeqeshiwe, bangamadoda kaNkulunkulu.” Kodwa niyabo, kwakungekho kukholwa lapho.

Wathi, “Impela, benifanele nibe nomunye, ndawo ndawo.”

Wathi, “Nginaye, kodwa ngiyamzonda,” wathi, “uhlezi engithethisa.”

“O,” wathi, “mayingasho njalo inkosi, hamba umlande.”

Uthi, “Lowo nguMikhaya, indodana ka-Imla.”

¹⁵⁵ Ngakho niyazi ukuthini? Ibhodi labadikoni lawela futhi lamhlangabeza, lathi, “Manje, buka lapha, Mikaya, uma ufuna ukubuyela enhlanganweni futhi, konke owakusho ngokumelene nabo, uzothethelelwa khona, uma nje uzosho into efanayo abayishoyo, yisho into efanayo.”

¹⁵⁶ UMikaya, ngiyayithanda leyondoda kaNkulunkulu, wathi, “Ngizosho *kuphela* lokho uNkulunkulu akufake emlonyeni wami.” Ngakho wadlula phambi kwakhe, futhi wathi, “Nginike lobubusuku.” Futhi kumelwe ukuba wakhuleka ubusuku bonke, emini wabona umbono wakhe. Lapho ebona umbono, wawuqhathanisa neZwi.

¹⁵⁷ Yileyondlela yokuhlola ukuthi umbono wakho ulungile noma qhabo. Akuzona zonke izinhlobo zemibono ezilungile. Kodwa uma kuphambene neZwi, ushiya lowombono wodwa, kodwa uma ukanye neZwi, hlala nawo.

158 Ngakho uMikhaya wanikeza isiprofetho sakhe, ukuthi wabona u-Israyeli ehlahazekile ngengezimvu. Manje, abefundisi abangamakhulu amane bemi lapho, bonke, awu, bonke labo baprofethi, amadoda amakhulu, umbutho wobufundisi, kodwa uMikaya wayephikelela, wayewuhlolile umbono wakhe ngeZwi, wayazi ukuthi wawuqinisile. Wayazi ukuthi lowomprofethi wangempela, u-Eliya, wayeprofethile, ububi ngo-Ahabi, futhi wayengasho kanjani okuhle kuyilapho iZwi lisho okubi na?

159 Ungakubusisa kanjani lokho uNkulunkulu akuqalekisile, noma ungakuqalekisa kanjani lokho uNkulunkulu akubusisile na? Kufanele kube ngeZwi. Kwezinye izikhathi kumele ume wedwa, kodwa ume lapho. Kunjalo. Phikelela, hlala nakho ngqo. Akunandaba ukuthi omunye umuntu uthini, hlala nakho.

160 UMikaya wahlala nakho ngqo, futhi kusobala, sithola ukuthi kwakufakazisa ukuthi wayeqinisile. Ukukholwa akuliphiki neze iqiniso leZwi, kodwa kubambeleva kulo kungenandaba ukuthi lingase libonakale liyinhlekisa kanjani; ukukholwa kubambeleva ngqo eqinisweni leZwi.

161 UPetru, ekuvaleni... O, he! Kungani othile engazange angidonse na? Bengingazi ukuthi bese kuba leyithi kangako. Uxolo, bangane, kungcono ngime khona lapha khona-ke. Ngizosho okuthi akube kubili nje kokuphawula okuncane lapha, niyabo, bese-ke ngihamba. Masikushintshe umzuzu nje. Kulungile, qaphelani. Ngiyabonga.

162 Kwakukhona uPetru, umphostoli... Sizokwehlisela ekhaya umzuzwana nje. UPetru, umphostoli, wayenobaba omdala omuhle, igama lakhe kwakunguJonase. Futhi ngingambona nje uPetru, no-Andrey, noJonase, babengabadobi, futhi ngiyambona uJonase omdala, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, phandle lapho njengoba izingalo ezindadlana ezibuthakathaka zibasiza ukuba badonsele ngaphakathi lawo manetha. Wabona ukuthi wayephelelwa amandla, azi ukuthi kwakungeke kuthathe isikhathi eside futhi, wayezohamba. Ngiyambona ehlezi phansi eceleni kwesikebhe emva kokubamba okuhle ngalolosuku, wayekhulekile ngalokho kusa.

163 Wathi, "Madodana ami, sondelani kimi." Kungenzeka ukuthi wakusho kanje: "Niyazi, thina bantu besilindele uMesiya, futhi siyazi Uyeza. Bengifisa kakhulu ukuMbona, bengicabanga ngokuqinisekile ukuthi Uzofika esizukulwaneni sami, kodwa kubonakala sengathi ngizohamba ngaphambi kokuba Afike, sengiyaguga. Kodwa madodana ami, ningaphazanyiswa manje, ngaphambi nje kokubela kwaKhe kuzoba nazo zonke izinhlobo zokushisekela ngokweqile okuvukayo ngakukho."

164 Kuhlala kunjalo, ngudeveli, ezama ukubeka isichuse phandle, niyabo, ukukwethusa uhambe. Kodwa khumbula, izichuse zihlala zisesihlahleni esihle. Kukhumbuleni nje lokho,

hhayi kuma-apula amuncu amadala, qhabo, kuhlale kulapho ukudla okumnandi kukhona khona.

¹⁶⁵ Ngakho wathi, “Khumbula nje, manje, kuzobakhona abavukayo bathi bayilokhu, futhi abanye bathi bayilokho, futhi abanye bathi bayilokho nalokho, futhi bazisho oMesiya nakho konke okunye.” Wathi, “Ungakukholwa. Manje, indlela kuphela yokuqiniseka ngukuthatha lokho iZwi elikushoyo.

¹⁶⁶ “Manje, iZwi lathi uMose, umprofethi kaNkulunkulu,” futhi iZwi njalo liza kumprofethi, wathi, “manje, uMose washo ukuthi ‘INkosi uNkulunkulu wenu iyakusa uMprofethi onjengami.’ Manje, sekungamakhulu eminyaka selokhu sabona umprofethi. Kodwa khumbulani, lapho uMesiya efika, Angeke athi UyiLokho. Kodwa lapho Efika, Uzoba ngumprofethi, futhi niyaMqaphela. Manje, iBhayibheli lethu liyasitshela uma umuntu ezisho ukuthi ungumprofethi, futhi akushoyo kufezeka, khona-ke mlaleleni, ngoba ungamesaba ngoba uvela kuNkulunkulu. Kodwa, akushoyo akufezeki, ningakunaki, qhubekani nje, niyabo, ngoba akulungile. Manje nina bafana kukhumbuleni lokho.”

¹⁶⁷ Futhi u-Andreya, niyazi, waba ngowokuqala ukuMthola, wathi, “Yeyi, Simoni, woza, yehlele emhlanganweni ekuseni, Uzoba sezansi lapha, amabandla angeke abe naYe, ngakho Uphansi lapha kwenye indawo. Ngakho yehlela lapha futhi mina . . .”

“O,” uSimoni wathi, “manje khumbulani, singabaFarisi, nathi si—sifanele sihlale . . .”

“Kodwa ngi—ngifuna nje nize, nihlale phansi nje futhi nilalele imizuzwana embalwa, nikubhekisise.”

¹⁶⁸ Ngakho ngakusasa ekuseni, sengiyabona emva kokuba sebeqedile ukudonsa amanetha, ngani, uJesu wehlela ogwini, futhi—futhi into yokuqala niyazi, uSimoni kumelwe ukuthi wakhuphukela ezethamelini, futhi ngenkathi ekhuphuka ehamba edabula lapho, uJesu wabuka ngaleya lapho, wayesethi, “Igama lakho unguSimoni, futhi wena uyindodana kaJona.”

¹⁶⁹ Manje, ukhuluma ngomfana ophikelelayo, wayenjalo kusukela lapho kuqhubeke. Akekho owayengamenza akungabaze ngaleyonkathi, wayekwazi. Ngoba ngani na? Wayesibonile lesosibonakaliso sikaMesiya, walibona iZwi. Wayazi ukuthi uMuntu wayengamazi, wayengalazi igama lakhe, wayengazi lutho ngaye, futhi lapha Wamtshela, hhayi yena kuphela, kodwa ukuthi uyise wayengubani, nokuthi laliyini igama lakhe, yena impela ayemtshela ukuthi abheke isibonakaliso. Wayephikelela.

¹⁷⁰ UFiliphu omdadlana, lapho ezwa le ndaba, wayengadingi ukukubona, wakukholwa, kusobala wayebheke uMesiya. Waphikelela kakhulu waze wazungeza igquma, cishe amamayela ayishumi nanhlanu, futhi wathola umfo ogama lakhe

linguNathanayeli. Akadingekanga abuyele emuva athi, “Manje, linda, ake sihlale phansi futhi sibale lokhu.” Wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, Lowo uMose akhuluma ngaye.” Amen. Sengiyamuzwa exoxa indaba kaSimoni.

O, uFiliphu mi- . . . , noma, uNathanayeli ngahle ukuba wathi, “Manje, linda umzuzu, Filiphu, uhambile waya ekujuleni.”

“Woza nje, ubone. Bona ukuthi ngisekujuleni yini.”

¹⁷¹ Ngakho ngenkathi enyukela emgqeni womkhuleko, noma ezethamelini, noma ngabe kwakukuphi, sengiyambona uNathanayeli eqala ukuqalaza, uthi, “Uhlobo lomuzwa omuhle lapha, kulobubusuku, ngandlela thize. Kubukeka kukuhle impela.”

Futhi uJesu wabamba iso lakhe Wayesethi, “Bheka nango umIsrayeli ngempela, okungekho nkohliso kuye!” Lokho kwamsusa esihlalweni esiyendezelayo.

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla, ngakubona.”

¹⁷² Futhi waqalaza, wabona bonke abelusi bakhe, namadikoni, namagosa, nababhishobhi, futhi bonke bemi bezungezile, kodwa mfowethu, waphikelela impela khona lapho, wathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu.”

¹⁷³ Haleluya! Nakho-ke. Wayephikelela. Ngani na? Wabona okuthize, wezwa okuthile, wabona ukuthi kwakungokomBhalo, ngakho wayekwazi ukuma ngokuphikelela, kungakhathaleki ukuthi abanye babo babecabangani. Ubone okuthize, wayebambe okuthize, wabambelela kukho.

¹⁷⁴ Owesifazane omncane emthonjeni, udumo olubi, wayebone okungamanga okungaka phakathi kwabantu ozishoyo, ngolunye usuku yena . . . Cishe, kufanele ukuthi kwakuthi akuyoshaya ihora leshumi nanye, bangena eSikhari ukuyothenga ukudla, abafundi, noJesu, wasala yedwa. UBaba wayeMthumele phezulu lapho ngoba Wayedinga ukudlula. Wayeya eJeriko, kodwa wenyuka wazungeza intaba ukuze . . . ngoba Wayenesidingo: umphefumulo owodwa, futhi yena eyisifebe. O, umusa omangalisayo! Umphefumulo owodwa kuyo yonke into, futhi yena engowodumo olubi, ehlehlisa ohambweni lwaKhe lwenjwayelo aze athi ngqu phezulu lapha.

¹⁷⁵ Yena owesifazana, kungenzeka ukuthi kwasekuyihora leshumi nanye nqo, waphuma ukuyokha amanzi. Kungenzeka ukuthi waqala ukwehlisa ibhakede, izinwele zakhe ezisongekile zehlela ebusweni bakhe, futhi waqala ukwehlisa ibhakede lakhe, wezwa uMuntu othile ethi, “Ngiphuzise.” Waqalaza masinyane, futhi nakho kuhlezi umJuda.

Wathi, “Akusilo isiko lento enjalo, umJuda ukucela noma yini umSamariya.”

¹⁷⁶ Wathi, “Kodwa uma bewazi ukuthi ukhuluma noBani, ubuyocela Mina amanzi.” Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. UBaba wayemthume phezulu lapho, manje indaba ilapho. Haleluya! Ngabona okuthile ngalesosikhathi. O Nkulunkulu! UBaba WaMthuma phezulu lapho, futhi manje nansi indaba phambi kwaKhe, Akazi ukuthi athini, kodwa Uphatha ingxoxiswano. Wathi, wakhuluma ngokukhonza eJerusalema, namaJuda kanjalonjalo, nomthombo ababekhuluma ngawo, emva kwesikhashana Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “A—a—anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo. Usube nayisihlanu, futhi lena onayo manje akuyona indoda yakho.”

¹⁷⁷ Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi ukuthi uMesiya, obizwa ngokuthi uKristu, uyeza, OGcotshiweyo, futhi lapho Efika, Uzoba ngumprofethi, Uyositshela lezozinto.”

Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.” Ukhuluma ngokuphikelela!

¹⁷⁸ Uyazi, bekungenjalo empeleni...uma ulazi isiko lasempumalanga, owesifazane walolohlobo akufanele, neze, asondele kowesilisa emakethe. Kunjalo. Hhayi kuze kube namuhla eNdiya, nasezindaweni ezahlukeni. Qhabo, mnumzane. Amadoda abengeke ngisho amuzwe, ambuke, umakwe njengesifebe, ayefulathela, akunandaba ukuthi uthini.

¹⁷⁹ Kodwa ini? Abakwazanga ukumziba, abakwazanga ukumziba owesifazane. Ngani na? Wayebambe ukukholwa. Wayenomyalezo, abakwazanga ukumvimba, wathi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Ingabe lo akuyena ngempela uMesiya na? Akuyena yini Lona na?” NeBhayibheli lathi umuzi wonke wakhulwa ngenxa yobufakazi bowesifazane.

¹⁸⁰ Owesifazane omncane onomopho, wayephikelela. Ngicabanga ukuthi ubone onke a—amahlelo emi lapho, futhi waphikelela ngakuwo ngqo. Omunye wathi, “Ima kancane, uyaphi? Awuyena umkaJohn Doe, phezulu lapho egqumeni, ukuthi wavele washintshanisa leloqembu lamahhashi, ngolunye usuku, ukuze akhokhele udokotela na?”

“Ya, kodwa akakwazanga ukungisiza.”

¹⁸¹ “Awu, ulichoboka kakhulu, uzonyathelwa ezansi lapho, kulesosigejane sabantu. Balaleleni, abalutho kodwa isigejane sabashisekela ngokweqile abayibuya baseGalile. Ababona ngisho abenhlango. Konke Akwenzayo ukubhidliza amabandla ethu. Qhubeka ubuyele phezulu lapho. Ngizobiza

umelusi wakho.” Wavele wakuziba, wayephikelela, waqhubeka wahamba. “Awu, ubuthakathaka kakhulu ukuba ungaya emhlanganweni.” Lokho akuzange kumvimbe nakancane, wayehamba noma kanjani, izihlathi ezincane eziphaphathekile, uyahamba noma kanjani, ehamba noma kanjani.

¹⁸² Mhlawumbe umyeni wakhe wathi, “Buyela phezulu lapho egqumeni, lapho ongowakhona.” Niyabo?

“Ungumyeni wami, futhi ngiyakuthanda, kodwa kufanele ngiMthinte,” wahamba waqhubeka ngqo wamdlula.

¹⁸³ Lapha kwakumi i . . . wathi, “Awu, usuku- . . .” futhi wedlula omunye umugqa wabantu. Bathi, “Izinsuku zezimang- . . .” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . nombhishobhi weza *kanje*, wathi, “Yeyi sizwe ukuthi wenze izimanga. Manje, ake sikubone wenza esinye.” Omunye wanyathela ngalendlela, ngaleyondlela.

¹⁸⁴ Ekugcineni, wacabanga, “Ngizokwenza kanjani na?” Kodwa niyazi, ukukholwa kuhlala kuyithola indlela yokukwenza, njengowesifazane waseSirofenike, ukukholwa kuthola indlela yokuMthinta. Uma ungakukholwa, uyaqala ukukhuleka khona manje, futhi ubone ukuthi ukukholwa kwakho akuyitholi yini indlela yokuMthinta; ukukholwa kuthola indlela. Futhi emva kwesikhashana . . .

Kungikhumbuza ngo—ngo—Abraham Lincoln, bamvalela ngaphandle, indoda enkulu.

Bathi, “Uzongena kanjani na?”

Wathi, “Ngi—ngizokwethemba uNkulunkulu.”

Bathi, “Bazovala iminyango ebusweni bakho.”

Wathi, “Ngisazokwethemba uNkulunkulu.”

¹⁸⁵ Ngakho lapho bonke osigele bephendula, babezomkhipha ngalesi silinganiso ababezama ukuvota baphikisane naye, futhi ngakho, babazi ukuthi u—Abraham Lincoln wayehambisana nakho. Futhi wayenengcindezi enjalo, futhi isimo e—esinjalo phambi kwabantu ukuthi angabeka iphuzu phezu kwakho, futhi kabamngenisanga emnyango.

¹⁸⁶ Kwathi lapho besukuma futhi beqala ukubiza amagama, babiza ehlukene nahlukene, futhi kwakukhona isihlalo sikaLincoln singenalutho, bathi, “Abraham Lincoln?”

Bhru, ezansi ngoshimula, wathi, “Ngikhona!”

¹⁸⁷ Ukukholwa kuthola indlela, kungahle kube phansi ngoshimula, kodwa kuzofika lapho. Kwenza mehluco muni, ngakho kuyafika? Ukukholwa kuthola indlela, kungase kube ukukhasa, kungase kube ukucula, kungase kube ukumemeza, noma ngabe kuyini, kuthola indlela yakho, kuqhubekela phambili ngqo.

¹⁸⁸ Wayezama ukuthinta, futhi avimbe futhi avimbe, ekugcineni, wavele wakhothama, futhi welula isandla, futhi wathinta ingubo yaKhe, uJesu waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile?” Ngani na? Wayenesineke, waMthinta.

¹⁸⁹ Ngifanele ngivale, ngizizwa ngikahle kakhulu, ngiyakuzonda ukukwenza, kodwa sinomugqa omkhulu womkhuleko ozayo.

¹⁹⁰ Lalelani, ngangiseMexico cishe eminyakeni emine edlule, futhi basitshela ukuthi sasingasithola isiyinge sezinkunzi. UJenene uValdena wayengehlisile, okokuqala umMelika ongeyena umKatolika oke wehliswa.

¹⁹¹ Ngenkathi umbhishobhi webandla eliKatolika enyuka ngaphambi kukamongameli, futhi wathi, “Wena wakomkhulu, Mnumzane, lendoda ingena lapha ingeyena umKatolika,” futhi wathi, “ithola ukwesekwa nguhulumeni, kuJenene Valdena, ukwesekwa kwezempi.” Wathi, “Isizwe sakithi asikumeli lokho.”

Futhi ngakho umongameli waphendula, wathi, “Indoda iyindoda ehloniphekile.”

Wathi, “O, i—iyimbuka nje.”

Wathi, “Angicabangi ukuthi amashumi ezinkulungwane zabantu, baphuma ukuyozwa imbuka.”

¹⁹² Futhi wathi—wathi, “Kodwa uyabona, Mnumzane,” umbhishobhi wathi kumongameli, “uyabona, Mnumzane, abampofu nabangafundile kuphela yibona abaya kuyomuzwa.”

Wathi, “Usube nabo iminyaka engamakhulu amahlanu, kungani bempofu futhi bengafundile na?” Kwakuwumbuzo omuhle lowo.

¹⁹³ Abazange basivumele ukuba sibe nesiyingi senkunzi, ngakho sinendawo enkulukazi phandle lapho. Nalabo bantu baseMexico abampofu . . . Ngicabanga, sihlezi lapha silalele ihora nesigamu futhi siyakhathala, izikhathi eziningi. Labo bantu bafika lapho ngehora lesishiyagalombili noma lesishiyagalolunye nqo ekuseni, kungekho zihlalo, basukuma, bencikene, usuku lonke, bengegeke ngibe sepulpiti kuze kube yihora lesishiyagalombili noma lesishiyagalolunye nqo ngalobobusuku, kodwa bema lapho kuze bathole indawo yokuma, cishe izinkulungwane ezingamashumi amathathu. Futhi nakho lapho wayekhona, bonke bencike komunye nomunye.

¹⁹⁴ Ngangizoba lapho nje ubusuku obuthathu, futhi ngikhumbula ubusuku obubodwa lapho, ubusuku besibili, oza enqamula emsamo kwaba yi, ngambona emi emsamo, uBilly wayemhole wamenyusa, indoda yaseMexico endala. Izinyawo zayo zazineminkenke yonke indawo, nebhlukwe layo lalimanikiniki, ingaligqokile ihembe, ijazi nje izisonge ngalo, lona limanikiniki, isigqoko esidala esiboshwe ngezintambo.

Yayingaboni emehlweni, lapho ilokhu isho okuthile, lapho isondela kimi, yakhipha ubuhlalu obuncane yabe isithi “Yethi, Mariya.” Ngayibangela ukuthi ibubeke phezulu.

¹⁹⁵ Ngakho-ke ngayigaxa ingalo yami, ngabheka, ngangiyoni-...nami ngigqoke izicathulo ezinhle, isudi yezingubo. Inelungelo nje lokuba nezicathulo nesudi njengoba nginalo. Yebo, mnumzane. Ngakho ngacabanga, “Ngi—ngizokunika indoda endala.” Niyabo? Izinyawo zayo zazinkudlwana kunezami, amahlombe ayo ephumile kakhulu *kanjalo*. Ngabuka izinwele zayo ezimpunga, iphuphuthekile, Ngacabanga, “Ubabayi wami ubephila, ubeyocishe abe kuleyo minyaka. Futhi mhlawumbe ingubabayi womunye umuntu.”

¹⁹⁶ Ngayigaxa, ngaqala ngakhuleka. Futhi lapho ngivula amehlo ami *kanje*, abawuhumushi umkhuleko, Ngibone indoda endala ihambahamba ibukeka ikahle njengoba ingaba njalo, niyazi, yayibona nakho konke, embonweni. Ngavele ngama ngathula impela, ngayizwa ngokuqondile impongoloza, “Gloria a Dios!” Kusho ukuthi “Udumo kuNkulunkulu.” Yayisikwazi ukubona kahle nje njengoba ngangingabona. O, ezansi udabula lapho yehla yathi *bibibibi, gugugugu*, ngamandla ayo onke. Umusa omangalisayo!

¹⁹⁷ Ngobusuku obulandelayo kwaba khona isitaki eside kakhulu kunalomsamo, kunqwabelene *kangako*, amatshali amadala namajazi kubekwe phezulu lapho ukuba kukhulekelwe. Futhi ngenkathi ngifika emsamo ngalobobusuku, kade lina kusukela cishe ngehora leshumi nqo, ekuseni, labobantu bema phakathi nemvula ngqo, labo besifazane baseMexico nezinwele zabo zehlela phansi ebusweni babo futhi bemanzi te nje.

¹⁹⁸ Futhi ngadingeka ngigibele iladi futhi ngehle ngobonda. Bangiphakamisa emotweni, bangehlisa ngalezi zintambo ngeladi, ukuze ngingene emsamo ngasohlangothini lodonga, lapho engangifike khona ngasodongeni ngemoto.

¹⁹⁹ Futhi ngangikhuluma, noBilly weza kimi, wathi, “Babayi...” Indoda yaseMexico, angazi ukuthi yayingubani igama layo, ngayibiza ngo “Mañana,” okuchaza ukuthi “kusasa,” wayenokoza kakhulu. Futhi wayehlala njalo... Wayeza angilande, futhi wayecishe... Bamletha ngenxa yokuthi wayengakhulumi nami, akekho okhuluma nami lapho siza emhlanganweni, futhi wayengakwazi ukukhuluma isiNgisi, ngakho ngavele ngambiza ngo “Mañana.” Futhi ngakho wayenza okuthize, futhi angizange nginake ngoba, ngangingazi ukuthi wayethini.

²⁰⁰ Ngakho wangibeka emsamo ngalobobusuku, futhi ngangikhuluma, noBilly weza egijima, wathi, “Babayi, uMañana ukhiphe wonke lawo makhadi omkhuleko, futhi,” wathi, “kukhona owesifazane omncane ezansi lapho, unengane

efile.” Futhi wathi, “Nginabangaphezu kwekhulu namashumi amahlanu,” noma amakhulu amabili, ngiyakhohlwa ukuthi kwakuyini, “abangenisi, futhi abakwazi ukumvimba lowo wesifazane.”

²⁰¹ Wathi, “Unaleyongane efile enqulwini yakhe, futhi uyogijima phakathi kwemilenze yabo futhi agijime phezu kwamahlombe abo, nakho konke okunye enaleyongane efile.” Futhi wathi, “Akalitholi ikhadi lomkhuleko,” futhi wathi, “sesiwakhiphe onke. Futhi uma ngimbeka emgqeni ngaphambi kwalabobantu abezayo futhi bathola ikhadi lomkhuleko, kuzoba nesiyaluyalu esiqiniseke njengezwe.”

²⁰² Futhi manje, uMfowethu Jack Moore, ukhona oke wazi uMfowethu Jack Moore na? Abaningi benu. Wayenami, ngakho ngathi, “Mfowethu Jack, akakwazi ukungahlukanisa kuwe,” Ngathi, “qhubekele lapho futhi ukhulekele ingane, futhi kuzo—kuzolunga.”

²⁰³ Futhi laba bangenisi babemthatha futhi bambambe, futhi wayema lapho, kwathi nje lapho bephendula ikhanda labo, wayegijima phakathi kwezinyawo zabo *kanjalo*, ngamandla akhe onke, futhi wayecasula abane noma abahlanu babo, futhi babemfuqela emuva futhi, abakwazanga ukumvimba emsamo. O, ephikelela, he!

²⁰⁴ Futhi ngakho, uMfowethu Jack waqala ngale ukuyokhulekela ingane encane, uBilly wayeyimyisa ngale. Futhi ngathi, “Njengoba bengisho,” kwase kuthi uMfowethu Espinoza, umfowethu wePentecostal waseCalifornia, wayenikeza incazo, ngathi, “manje ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo.”

²⁰⁵ Futhi ngenkathi uMfowethu Espinoza eqala ukusho lokho, ngabuka khona phandle lapha, cishe amafidi amabili noma amathathu ukusuka *lapha*, futhi kwakukhona ingane encane yaseMexico embonweni, endadlana, engenamazinyo, izinsini nje, ingihleka nje. Ngase ngicikica amehlo ami, ngaphinda ngabheka, nakho-ke, umfo omncanyana, Wayehleka nje, lawomehlo amancane amnyama egqolozele nje.

²⁰⁶ Ngacabanga, “Kazi ngabe ileyo ngane yini.” Ngathi, “Kubambe umzuzu nje, Mfowethu Espinoza,” noMfowethu Jack wayephuma emsamo, ngathi, “Tshela abangenisi, Mfowethu Espinoza, benze indlela futhi badelele inenekazi likhuphuke.”

²⁰⁷ Lalimi cishe ebangeni lalesi sakhiwo phandle lapho, lilokhu licindezela indlela yalo nalengane efile isengubeni yokulala. Yafa ngalokho kusa cishe ngehora lesishiyagalolunye nqo. Udokotela wathi isifile, yabulawa yinyumoniya. Ngakho yena owesifazane. . . Benza indlela, futhi nangu ekhuphuka, emsamo, wawa waqala ukumpongoloza, “Padre,” kusho “fata.” Ngazama ukumsukumisa.

Lapho esukuma, uMfowethu Espinoza wathi, “Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na?”

²⁰⁸ Ngathi, “Qhabo. Kodwa Mfowethu Espinoza, ungakusho lokhu, angazi, ngibone ingane encane yaseMexico embonweni khona phandle phambi kwami lapha.” Futhi ngathi, “Kungase kube yingane yakhe, ngizovele ngikhuleke futhi ngikuyeke kuqhubeke kanjalo.”

Wathi, “Kulungile.”

²⁰⁹ Ngathi, “Ungawuhumushi umkhuleko.” Futhi nga—ngamtshela ukuthi akasukume, futhi u-Espinoza wamtshela nge—nge—ngeSpanishi ukuba asukume, wasukuma. Ngathi, “Ife nini ingane yakho na?”

“Ngelesishiyagalolunye namuhla ekuseni.” Kwase kuthi akube seligamenxe eleshumi ngaleyonkathi, ngalobobusuku.

²¹⁰ Futhi ngathi, “Uyakholwa na?” Ngenhliziyo yakhe yonke. Kwakungekho ukungabaza engqondweni yento encane, owesifazane omncane omuhle, wayebukeka sengathi useminyaka yokuqala engamashumi amabili, amashumi amabili nambili noma amashumi amabili nantathu, ofana noseñorita omncane waseMexico.

²¹¹ Ngakho wayenalengane encane efile nengubo encane yokulala phezu kwayo, yalilele lapho imanzi te nje, leyongubo yokulala, wayekade emile laphaya kusukela ngalokho kusa. Wayebone isiqeshana ephepheni mayelana naleyo ndoda endala ithola ukubona kwayo, ngakho wayelungele ukuletha leyongane. Futhi ngakho, ngambuza ukuthi uyakholwa yini, wathi, “Yebo.”

²¹² Ngakho ngabeka izandla zami phezu kwengane encane, ngathi, “Baba waseZulwini, manje, angazi, ngisanda kubona umbono, futhi phezu kwesisekelo salowombono, kungase kube ingane, yilokho kuphela Okushilo kimi, ngizovele ngibeke izandla zami phezu kwayo, ngiyinikele kuWe.”

²¹³ Nengane encane yathi, “Wa,” futhi iqala ukukhahlela izinyawo zayo ezincane *kanjalo*. Ngase ngiqalaza, wahluthula ingubo yokulala kuyo, futhi abantu baqala ukuklabalasa, futhi ngathi, “Manje, unga—ungasho lutho ngalokhu, Mfowethu Espinoza. Thola isigijimi, thola umuntu othile kulolodaba, futhi uhambe uyolanda isitatimende esayiniwe kudokotela ngaphambi kokuba usho noma yini,” ngoba uma uzosho noma yini ngakho, kufanele kube yiqiniso.

²¹⁴ Ngakho yena owesifazane... Futhi owesilisa wathola isigijimi, futhi ngakusasa yena, qobo lwakhe, baya kudokotela, wasayina isitatimende sokuthi ingane yafa ngalokho kusa ngehora lesishiyagalolunye nqo. Futhi lobo kwakungubusuku ngeleshumi nqo, nengane, ngokwazi kwami, ihlala eMexico kulobubusuku, ijabule. Kungani? Ngoba owesifazane, njengalona wesifazane omncane waseSirofenike,

wayephikelela. Wayazi, wayebambe uNkulunkulu, iKatolika, noma kungeKatolika; umpristi, noma kungempристи; ibandla, noma kungebandla; xosha, noma ungxaxoshi; uhlekwa, noma ungxahlekwa. Wayeyini yena na? Wayenesineke, wayazi ukuthi wayekhona uNkulunkulu.

²¹⁵ Lalelani, izibonakaliso ezithenjisiwe zeBhayibheli ziyafakaza ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Izibonakaliso ezithenjisiwe zeBhayibheli, singazifunda futhi siphikelele, futhi sazi ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe.

²¹⁶ Asikhuleke. Ngaphambi kokuba sikhuleke, ngabe bakhona abanye phakathi lapha, kulobubusuku, abangathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko na? Noma yini oyidingayo, vele uphakamise isandla sakho, uthi, “Nkulunkulu, ngenze ngiphikelele, Nkosi, ngize ngithole isifiso senhliziyo yami, kungenxa yenkazimulo yaKho. Nkosi, hlala nami ngqo, ngivumele ngihlale naWe, ngibambelelise kuWe kulobubusuku. Ngizobheka, ngizolalela, ngizokholwa. Lapho abanye bekhulekelwa, ngizokholwa, kulobubusuku, futhi ngizophikelela ukuthi angisoze ngasuka kulesisakhiwo ngize ngithole ihange ekukholweni kwami, ukukholwa kwami kugxilile kimi, njalo, ukuthi ngizoba nesineke kakhulu, ngoba ngiyakholwa. Ngifuna ukubamba iZwi laKho, khona manje, ngodaba lwami?”

²¹⁷ Baba wethu waseZulwini, Uyazibona izandla. Indaba yalona wesifazane omncane weZizwe, ukuthi wayephikelela kanjani, waba nesineke kakhulu, ngokuba ukukholwa kwafika ngokuzwa, nokuzwa iZwi likaNkulunkulu, kanye nazo zonke izithiyo zakhe, futhi lapha sihlezi, kulobubusuku, kungekho nengxenywe eyodwa kwezintathu yezithiyo ayenazo: Indodakazi yakhe yayinesithuthwane, futhi wayengoweZizwe, uNkulunkulu ayengathembisanga ukubavakashela, wenqatshwa ngabangane bakhe, wenqatshwa, mhlasi, yikho konke esikhulume ngakho kulobubusuku, kepha siyazi ukuthi ngisho noJesu wamvivinya ukukholwa kwakhe, wamtshela ukuthi Wayengathunyelwanga kuye, futhi wathi yena nohlanga lwakhe babeyizinja.

²¹⁸ Futhi iqiniso laliwukuthi, Nkosi, lapho ukukholwa kubamba iZwi, kuvuma iqiniso. Wathi, “Kodwa izinja zithola izimvuthuluka.” Futhi lokho kwathinta inhliziyo yeNkosi yethu, Yathi, “O sifazane, kukhulu ukukholwa kwakho; makube kuwe njengoba ukholiwe.” Futhi lapho efika ekhaya, isithuthwane sase sisukile endodakazini yakhe, futhi yayilele ngale kombhede, udeveli wayeseyishiyile.

²¹⁹ Baba waseZulwini, siphe lokho kukholwa, kulobubusuku. Sengathi singafika, futhi emva kwalobubusuku sibe nesineke ekukholweni kwethu, ngoba singaba nokukholwa uma sazi ukuthi Ukuthembisile eZwini laKho, noma yini Oyethembisile,

nokukholwa kwethu kuyakubamba, kungokwethu. Watshela uJoshuwa, “Nomaphi lapho amathe onyawo lwakho efika khona, Ngikunike khona.” Futhi siyaqaphela ukuthi izinyathelo zazisho ukuba nempahla.

²²⁰ Futhi Baba, uma abanye babo, kulobubusuku, akakaze akhuphukele phezulu ngokwanele eMbusweni kaNkulunkulu ukuba emukele uMoya oNgewele, sengathi bangakwemukela kulobubusuku, sengathi bangenza izinyathelo kulobubusuku, imilobo yezinyawo.

²²¹ Bese kuthi labo abangakaze bakwazi ukufinyelela phezulu ngokwanele, futhi bakhuphukele lapho, futhi babe nesibusiso sokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kwangathi bangenyukela kulobubusuku, baphikelele, sengathi ukukholwa kungababamba khona manje ngalokhu kuphawula okuvela kulaba abanye.

²²² Labo abangakaze baKwamukele njengoMsindisi, sengathi bangafinyelela kulobubusuku, futhi baKubambe, futhi baKwamukele. IBhayibheli lathi, “Bonke abakholwayo babhaphathizwa.” Siphe khona, Baba. Futhi kwangathi bangabhaphathizwa futhi, emanzini, kanti futhi nangoMoya oNgewele.

Siphe lezizibusiso, futhi usize inceku yaKho empofu, ezithobile, njengoba ngikhonzisa manje, eGameni leNdodana yaKho, uJesu. Amen.

²²³ Manje, ngikholwa ukuthi uBilly Paul, uma esendlini, uthe ukhiphe amakhadi omkhuleko, futhi ngi—ngicabanga ukuthi uthe amashumi amahlanu. Ngabe kunjalo na? Amakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu. Futhi sifuna basukume. Manje, ningakujahi, wozani nje ngamunye ngamunye.

²²⁴ Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Umuntu mumbé? [Umfowethu uthi “U-A, wokuqala.”—Umhl.] (Uthini?) [“U-A, wokuqala.”] U-A, wokuqala. Kulungile. U-A, wokuqala, ingabe umnumzane ohloniphekile na? U-A, owesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? Kulungile. U-A, owesibili. Ngabe ngisibonile isandla salowo muntu na? U-A, wesibili. Kulungile, Dadewethu. U-A, wesithathu, wesithathu? Kulungile, wesine, wesihlanu, phakamisa isandla sakho, angibonanga ngisho owesine, owesine. Kulungile, olandelayo emgqeni. Wesihlanu, phakamisa isandla sakho. Ikhadi lomkhuleko lesihlanu.

²²⁵ Manje, uBilly wehlela ezethamelini, akhuphukele lapha, ashove amakhadi ndawonye, unikeza abantu ikhadi, noma ubani owafunayo, noma ubani, ufanele ube lapha ukuze uwathole, kusobala. Manje, ngicabanga ukuthi uma befika kusenesikhathi futhi bathole ikhadi lomkhuleko, bebefanele babe nelungelo lokuba ngowokuqala phezulu lapha, anicabangi kunjalo na? Kulungile. Futhi manje, kodwa uBilly akazi ukuthi ubani ozoba

ngowokuqala emgqeni, ngoba amakhadi omkhuleko ayashovwa, lokho okufika kuye.

²²⁶ Khona-ke ngezinye izikhathi, ngiqala ngokuphambene, emuva, phezul-...nikubonile kwenziwa nokho, ngakho, niyabo. Kunjalo. Izolo ebusuku besingenawo ngisho amakhadi omkhuleko nhlobo. Niyabo? Niyabo, lowo akuwona umqondo.

²²⁷ Kulungile, elesihlanu, elesithupha, phakamisa isandla sakho, elesikhombisa, kulungile. Njengoba ngibiza—njengoba ngibiza inombolo yakho wena sukuma. Isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi, ishumi nanye. Vele wenze indlela yakho uze ngapha ungene emgqeni khona lapha. Ishumi nambili.

²²⁸ Manje, uma ungeke ukwazi ukusukuma, abanye babazalwane bazoya bazokulanda, bakuthwale, uzokhuphukela lapha, yebo, mnumzane. Kulungile. Ishumi nambili, ngabe ngibone ishumi nambili na? Ikhadi lomkhuleko leshumi nambili. Kulungile. Ishumi nantathu, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu. Bheka ikhadi lakho manje. Ishumi nanhlanu, ishumi nenhlanu, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalombili, emuva, ishumi nesishiyagalolunye. (Ngiyabonga, Mfowethu Vayle.) Ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili nanye, amashumi amabili nanye, angizange ngilithole. Amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nambili, ikhadi lomkhuleko lamashumi amabili-nambili. (Ngiyabonga.)

²²⁹ Ngazise, niyazi, ngoba kungahle kube ngumuntu othile oyisithulu, futhi bageje indawo yabo, niyabo, noma umuntu othile ongakwazi ukuvuka. Umuntu othile abheke ikhadi lomkhuleko lomunye, bese-ke...Bheka ekhadini lakho lomkhuleko.

²³⁰ Bekuyiliphi lelo, amashumi amabili nambili? Amashumi amabili nantathu, amashumi amabili nantathu, amashumi amabili-...Ikhadi lomkhuleko lamashumi amabili nantathu. Amashumi amabili nane, amashumi amabili nanhlanu, amashumi amabili nesithupha. Kuhle. Amashumi amabili nesikhombisa, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amathathu. (Ngiyabonga.) Amashumi amathathu nanye, amashumi amathathu-nambili, amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nantathu, angizange ngilibone. Amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesikhombisa,

angizange ngikuthole. Amashumi amathathu nesikhombisa, amashumi amathathu nesikhombisa.

²³¹ Qalaza umakhelwane wakho, angahle abe nekhadi lomkhuleko, niyabo. Amashumi amathathu nesikhombisa. Angahle abe yisithulu, angahle akwazi...akakwazi ukusukuma, niyabo, ukhubazekile, futhi akakwazi ukunyakaza. Niyabo? Amashumi amathathu nesikhombisa. Kumelwe ukuba othile ulitholile futhi waphuma. Uma bengena, bafakeni emgqeni, babekwe endaweni yabo manje, abangenisi bazobe bekhona ukusiza.

²³² Amashumi amathathu nesikhombisa, amashumi amathathu nesishiyagalombili, amashumi amathathu nesishiyagalolunye, amashumi amane, amashumi amane nanye, amashumi amane nambili, amashumi amane nantathu, amashumi amane nantathu, amashumi amane nane, amashumi amane nanhlano, amashumi amane nesithupha, amashumi amane nesikhombisa, amashumi amane nesikhombisa, lokho kuhle. Amashumi amane nesishiyagalombili, amashumi amane nesishiyagalolunye, amashumi amahlanu, amashumi amahlanu, indoda emuva lapho.

²³³ Manje, ngabe bonke abantu abanamakhadi omkhuleko baphakanyisiwe na? Ngabe ukhona omunye onekhadi lomkhuleko na? Wonke amakhadi omkhuleko emi emgqeni na? Ngifuna ukuba nesiqiniseko salokhu manje. Sabize elokuqala, amashumi amathathu nesikhombisa, ngibone abazalwane abathi ababe babili bengena kusukela lapho, ngiyamangala nje, ngibize ikhadi lomkhuleko amashumi amathathu nesikhombisa, futhi langaphendula. Yilelo kuphela engibone ukuthi alizange liphendule beku...[UMfowethu Lee Vayle ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Ini?) Ikhadi lomkhuleko lesihlanu, liphendulile na? UMfowethu Vayle uthe akaliqaphelanga ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Elesihlanu, ingabe likhona, namashumi amathathu nesikhombisa na?

²³⁴ Manje, uma nje nizosinika umzuzwana noma emibili, bangane. Manje, sizothola...Kukhona ongenayo futh negane. Mhlawumbe kungase kube abanye besifazane nabafowethu okufanele baphume nabancinyane babo. Futhi—futhi uma bephumile manje futhi leyo nombolo ingena, babeke emgqeni ngqo, khona ngqo endaweni yabo, babekeni lapho amashumi amathathu-nesikhombisa nesihlanu engawakhona, futhi lokho kwenza yonke into ilunge kahle khona-ke. Amashumi amathathu nesikhombisa nesihlanu. Wonke umuntu manje makaqaphele, alungele, azimisele.

²³⁵ Manje...Ngiyabonga. Yileyo indlela, kungcono. Ngiyabonga, Mnumzane. Uzwa kangcono lokho manje na? Isizathu benza lokhu yingoba ngaphansi kogcobo angikhulumi kakhulu.

²³⁶ Manje, ngenkathi besabahlanganisa, ngingasho lokhu: Ngikufuna kusuka enhliziyweni yakho, uma ungakukholwa, ungasiphakamisi isandla sakho, kodwa uma ukukholwa, ngifuna uphakamise isandla sakho.

²³⁷ Manje, siyazi ukuthi ubuKristu bebukhula emseni kaNkulunkulu eminyakeni. UMartin Luther waba ngumguquli wokuqala kusukela esikhathini sobumnyama, futhi washumayela ukulungisiswa ngokukholwa. Bangaki abakwazi lokho na? Khona-ke iBandla lalifana, phakathi e, njengesivivane, laliphansi *lapha*, lilikhulu. Noma ubani owayezisho ukuthi ungumKristu, kwakuyingozi yokubulawa.

²³⁸ Kwase-ke kufika uWesley noMlayezo wokungcweliswa, bese-ke uba ngabayidlanzana kakhulu. Kwase kuthi-ke emva kukaWesley kufika iqembu lamaPentecostal, khona-ke liba *phezulu*. Futhi noma ubani uyazi, hhayi ukufundisa izimfundiso zesivivane manje noma yini, nginikeza nje isibonelo, kodwa itshe eliyinhloko alizange libekwe esivivaneni. Kungani na? Lenqatshwa. Niyabo? Ngakho uma itshe eliyinhloko lingeza esivivaneni . . .

²³⁹ Uma kukhona owake waba seGibhithe, lawo matshe alinganiswe ndawonye asondelana kakhulu kangangokuthi awukwazi ukubeka insingo phakathi kwawo. Ilapho-ke imfihlakalo, bawakhuphula kanjani lapho na? Alingana ngokuphelele.

²⁴⁰ Manje, itshe eliyinhloko, kuzofanele kube amatshe akhiwe, lapha esiqongweni, elungele ukuba yitshe eliyinhloko, lizofanele lilolongwe ngokuphelele kakhulu, kuze kube, lapho itshe eliyinhloko lifika, lizofanele lilingane ncamashi nalo ukuze lenze isakhiwo siphela. Ngabe kunjalo na?

²⁴¹ Ngakho iBandla . . . Manje, uma itshe eliyiNhloko lifika ngesikhathi sikaLuther, bukani ukuthi belingaba yindawo engaphandle kakhulu kanjani. Bukani uma lifika esikhathini sika Wesley. Lithole . . . Liyofika ngesikhathi saLo uQobo esinqunyelwe ngaphambili. Kodwa iBandla liyocijwa esimweni esinjalo kuze kube inkonzo yeBandla izosondela kakhulu, futhi kube wuhlobo ncamashi lwenkonzo uJesu ayenalo, ukulenza lifanelane ndawonye noHlwitho. Njengokuthi, inhloko yazi ngaphezu kwezinyawo. Niyabo? Amehlo asetshenziswa kakhulu kunezinyawo. Amehlo angumprofethi weBandla, libonga ngaphambili. Niyabo? Futhi zonke lezizinto zifika enhlokweni, ingxenye yenhloko.

²⁴² Manje, ngifuna ukunibuza umbuzo. Uxolo, bazalwane, lokhu kungase kusuke endleleni egandayiwe, kodwa uma nginephutha, ngixolele, nina, nani bafowethu phandle lapho. Ngikholwa ukuthi iBandla lizofanele lifike kuleyondawana ngoHlwitho, ukuhlwithwa kanyekanye ukuhlangabeza iNkosi

emoyeni. Ngikholwa ukuthi siphila kulolosuku, ukuthi lapho iBandla impela lizoba yidlanzana, liyoba yiqembu elincane.

²⁴³ Niyazi, ngenkathi uJesu eshumayela, kwakungekho nelilodwa—elilodwa—iphesenti elilodwa le...ingxenye yesigidi yabantu emhlabeni abake baMuzwa. Bheka ukuthi yini ezwe uJohane enza amalungiselelo. Niyabo? NgabaKhethiweyo abakuzwayo, yilokho kuphela. Kunjalo. “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdoni kuqala. Futhi bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza.” Kunjalo.

²⁴⁴ Manje, ngikholwa ukuthi kukhona iBandla eliza kulokho kuphelela, leyonkonzo yokupheleliswa, lapho izikhundla, lapho abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli okokupheleliswa kweBandla, labo belusi, nabafundisi, kanjalonjalo, kuzoba njalo ngeZwi ize yonke into isebenze kuze kufike ekuFikeni kweNkosi. Ngiyakukholwa lokho, futhi ngikholwa ukuthi sesisondelela kulesosikhathi manje, ngikholwa ukuthi kunjalo.

²⁴⁵ Manje, siyazi ukuthi uJesu wathi, futhi usifundise kuyo yonke imiBhalo, ukuthi imisebenzi Ayenzayo yayiyokwenziwa futhi. Manje, bazalwane bami, ngethemba ukuthi uma bengavumelani nami, makube...kuzoba ngesisekelo sobungani.

²⁴⁶ Benazi yini ukuthi iBhayibheli likhuluma ngokubonakala kweNkosi, kanti futhi ngokuFika kweNkosi, futhi kungamagama amabili ahlukene? Hlolisisa futhi uthole ukuthi lokho kunjalo yini. Ukubonakala nokuFika yizinto ezimbili ezihlukene. Ukubonakala kweNkosi kumanje, Ibonakala phakathi kwabantu baYo. SiyaYibona emisebenzini yaYo efanayo, ukubonakala, uMoya waYo oNgcwele, kodwa ukuFika kwaYo kuyoba seBuntwini benyama, kuyoba, kubambe iBandla likhuphuke.

²⁴⁷ Kodwa niyabo, sibe sezansi eZwini lonke, ukulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi manje iBandla lingena esimweni esinjalo, selilungele, lilindile. Izikhundla... Futhi izikhundla zeBandla ziza endaweni yazo, abafundisi babeka izindawo, iziphiwo ziyazibonakalisa.

²⁴⁸ O, kuningi ukulingisa, kunjalo, sikulindele lokho, kodwa kukhona okwangempela futhi. Ngaphambi kokuba kubekhona idola mbumbulu, kufanele kube nelangempela ukuze lenziwe ngalo. Kunjalo. Sinazo zonke lezo ziqhathaniso zenyama, kodwa lokho akususi kokwangempela. Kuphela ku—kuphela kwenza okwangempela kukhanye.

²⁴⁹ Ngakho iNkosi manje ibonakala phakathi kwabantu baYo, izibonakaliso ezinkulu nezimanga, ivusa abafuleyo, iphulukisa abagulayo, futhi yenza zona impela izinto ezifanayo Eyazenzayo, okungakenziwa iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Niyabo, iBandla licijwa ngalokho, lakhuliswa kuze kube yikho

ngalesosikhathi. Itshe eliyiNhloko liyeza ukuzohlangu neBandla, futhi kuzoba, konke kuhambisane, futhi lihlwithwe, laba abalala ngomlindo wokuqala, umlindo wesibili, umlindo wesithathu, kuze kube ngumlindo wesikhombisa. Ukubonakala kweNkosi, izolo ebusuku ngikuthintile, ukuthi Izofika kanjani.

²⁵⁰ Manje, khumbulani, hhayi indoda, leso isikhundla eBandleni. Hhayi indoda engumfundisi emangalisayo, nguMoya oNgcwele omangalisayo ofundisayo endodeni; hhayi indoda emangalisayo enesiphiwo sokubona okufihlakaleyo, uMoya oNgcwele omangalisayo phakathi lapho usebenzisa indoda. Niyabo?

²⁵¹ Ngangihlale ngisho njengoba uPetru abhekisela kukho ngesinye isikhathi eNtabeni yokuGuqulwa isimo: intaba engcwele. Akusiyo intaba engcwele, NguNkulunkulu oNgcwele entabeni engcwele; akulona ibandla elingcwele, NguNkulunkulu oNgcwele; hhayi abantu abangcwele, kodwa uMoya oNgcwele. Niyabo? NguMoya oNgcwele kulezizinsuku zokugcina.

²⁵² Manje, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi ifika ku-Abrahama, lapho ngesikhathi ngaphambi kokubhujiswa, manje, lowo kwakunguNkulunkulu ebonakala enyameni yomuntu. Futhi uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, futhi njengoba kwenzeka ezinsukwini zikaLoti.” Unikeza izimilo zalokho ababekwenza ezinsukwini zikaNowa.

²⁵³ Ngezinsuku zikaLoti, bhekisisani lesosiThunywa ku-Abrahama, bhekisisani izithunywa kuLoti ebandleni ngegama, nje, “Phuma, phuma,” futhi u-Abrahama ebanxusela. Qaphelani, iNgelosi, uNkulunkulu, u-Elohim, ebonakala esesimweni senyama yomuntu wabonisa ukuthi u-Elohim ngezinsuku zokugcina uzobonakala, hhayi ukuFika kukaKristu, kodwa ukubonakala kukaKristu enyameni yomuntu eBandleni laKhe, enza izibonakaliso zaKhe ezifanayo nezinto Azenza, futhi engakaze akwenze eBandleni iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, niyabo, ukubonakala kweNkosi.

²⁵⁴ Manje, ngabe wonke amakhadi omkhuleko asemgqeni na? Bangaki abagulayo phandle lapho futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisani izandla zenu. Yenzani lokho futhi. Phakamisani izandla zenu, bonke abagulayo, bonke abakhulekayo, bekholwa. Kulungile.

²⁵⁵ Owesifazane owathinta umphetho wengubo yaKhe, wayengenalo ikhadi lomkhuleko futhi, kodwa wathinta ingubo yaKhe. NeBhayibheli lathi Yena, khona manje, ungumPristi oMkhulu (Ingabe kunjalo na?), ohlale ephilela ukunxusa, umPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu. Ingabe kunjalo na? Futhi iBhayibheli lathi kumaHeberu

13:8, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Ingabe kuyiqiniso lokho na?

²⁵⁶ Awu-ke, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile njengoba kwenza lowo wesifazane, hhayi ngokomzimba, ukukholwa kwakhe kwaMthinta, ngoba Wathi amandla ahamba, wonke umuntu wayeMthinta ngokwenyama, kodwa ukukholwa kwakhe kwaMthinta, futhi Waphenduka, futhi wakwazi ukopha kwakhe, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

²⁵⁷ Awukholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu ofanayo kulobubusuku na? Futhi uma lamazwi eyiqiniso, Ubonakala enyameni yomuntu, khona-ke Mvumele abonakale enyameni yakho, ekunika ukukholwa eZwini laKhe elithenjisiwe, uJohane oNgcwele 14:12, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza,” khona-ke ngizo, uma lezizikhundla ziseBandleni, khona-ke ngivumele ngizipholise mina phambi kwakho, nengxenye kaWilliam Branham ihambe, futhi makuthi iNkosi uJesu ikhulume ngami, ibonakale enyameni yomuntu, njengoba Ibonakala kweyakho, ngakho kuzoba khona ufakazi bababili, futhi okubili yisiqinisekiso eZwini likaNkulunkulu, ababili ngufakazi. Khona-ke unokukholwa ukuMthinta, futhi nginokukholwa, futhi ngathi sobabili kuqinisa iZwi laKhe ukuthi Liyiqiniso.

²⁵⁸ Manje, nina bantu abagulayo futhi, phandle lapho, manje, angikwazi ukwehla kulokho, ukubona okufihlakeleyo, ngalowomugqa, niyakwazi, kungangisusa ngqo emsamo. Owesifazane oyedwa—oyedwa omncane wabangela iNdodana kaNkulunkulu ukuba ithi Yaba buthakathaka, futhi Yona iNdodana kaNkulunkulu. Ucabanga ukuthi ngingaba yini, isoni esisindiswe ngomusa waYo na?

²⁵⁹ Bengingeke ngikwazi ngisho nokumela omunye wabo uma Engashongo ukuthi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza, nengaphezulu kunale niyakuyenza.” Ngiyazi iKing James ithi “emikhulu” kodwa empeleni “eminingi.” Niyabo? Emikhulu ngokwedlulele na? Wayengenze okukhulu ngokwedlulele, Wavusa abafuleyo, wamisa imvelo, wenza yonke into. Niyabo? Ngakho ngeminingi nje yayo, ngoba kuzoba nabantu abaningi, uMoya wawuseNdodaneni eyodwa nje lapho, manje Ususemhlabeni jikelele, emhlabeni wonke, kubo bonke abantu baYo.

²⁶⁰ Kholwa. Ake siqale nje, lesisixuku ngalendlela. Bangaki abangangazi, futhi angikwazi, futhi uyagula, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kuwe inkathazo yakho na? Phakamisani izandla zenu. Nonke nina eningenawo amakhadi omkhuleko, futhi ufuna okuthize okuvela kuNkulunkulu, phakamisa isandla sakho; phakathi lapha; ngalapha. Khuleka.

261 Ake ngifulathele. Khuleka. INgelosi eyabonakala enyameni yomuntu yayifulathele itende lapho uSara ayekhona, futhi Yatshele uSara ayekwenzile. Ingabe kunjalo na? LeyoNgelosi efanayo yayinguNkulunkulu, noNkulunkulu ofanayo owayelapho wethenjiswa nguJesu, OwayenguNkulunkulu, ukubonakala ngalezizinsuku zokugcina ngaphambi kokushiswa komhlaba, njengoba nje Enza ngezinsuku zaseSodoma. Uyakholwa na?

262 Kusobala ngumbono, kukhona abantu abami lapho engingabazi, kuyoba kuYe. Nakhu. Uma ngingathola lapho bekukhona, ya.

263 Inenekazi elihlezi khona lapha, eliqatha, usiphakamisile isandla sakho emizuzwini embalwa edlule na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulesosifo sokuqaqamba kwamathambo futhi akuphilise na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ungabanakho.

Uthinteni na?

264 Indoda ehlezi eduze kwakhe, ucabangani, Mfowethu na? Uyakholwa ukuthi lokho kuvela kuNkulunkulu na? [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Ubungakukholwa na? Ubungakwamukela uma bengingakutshela ngoMoya kaNkulunkulu na? Ngikhuluma lapha, uhlezi eduze kwami. Uyakholwa na? Uzokukholwa na? Kulungile-ke, umfutho wakho wegazi ophakeme uzokushiya.

265 Leyondoda ehlezi eduze kwakho ibinonto efanayo, indoda encane ezacile lapho, ibinomfutho wegazi ophakeme nayo. Uma lokho kuyiqiniso, phakamisani izandla zenu, nobabili. Haleluya! Hambani nikholwa, ningangabazi.

266 Bathinteni na? Abakaze bangithinte. Angibazi abantu, angikaze ngibabone empilweni yami. Nonke niyizihambi kimi. Kunjalo. Uma ukholwa nje, yilokho kuphela okufanele ukwenze.

267 Nali inenekazi elincane lihlezi lapho, khona emuva lapha, lingibuka ngqo. Likhala izinyembezi lingena nje eMbusweni kaNkulunkulu. Likhulekela amadodana alo angasindisiwe. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyoyakho, bazosindiswa. Uzokukholwa na? Kulungile. Ungaba nakho.

Niyakholwa, nonke na?

268 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisela lokho kuba nokwethuka, Mnumzane, uhlezi lapho na? UbuMcela ukuthi akwenze khona lapho. Kulungile, sekuphelile, ungaba nakho.

269 Inenekazi elincane elihlezi emuva lapha, likhulekela lowomzukululu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa na? Ukhubazekile, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu

uzophilisa na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uhlala ukuletha esontweni kusasa ebusuku, ungeke udingeke. UNkulunkulu uzokuphilisa, futhi ungakuletha. Kuthiwani ngakho, Nenekazi na? Uyakukholwa na? Kulungile, ungaba nakho.

Ngiyisihambi ngokuphelele kowesifazane. Angimazi nhlobo, angikaze ngimbone empilweni yami.

Ingabe siyizihambi komunye nomunye, Nenekazi na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Bekungesikho lokho obukukhulekela na? Bese-ke, vayizelisa isandla sakho *kanjalo*.

Awuboni na? Elohim, Nkulunkulu. Ungangabaza kanjani? Awukwazi ukuphikelela na?

²⁷⁰ Ukukuqala nje lapha emgqeni, manje, ubunekhadi lomkhuleko, abazange. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi ngikutshele iqiniso, kulobubusuku, eZwini likaNkulunkulu na? Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, siyizihambi ngokwazi kwami. Kodwa uyakholwa uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi yini engalungile ngawe, noma into ethize wena, a, into ethize ukuthi wena, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qhabo. Uyazi ukuthi enakho. . . Uma ngingakutshela obekukhona, futhi ngikutshele okuzoba yikho, ngani, uyazi ukuthi lokho kuzoba yikho.

²⁷¹ Awuzile lapha ngenxa yakho, umele omunye umuntu, futhi lowo muntu akekho lapha. Lowo ngumkakho, ukwesinye isifunda, useGeorgia, unenkathazo yezinso, uyagula kakhulu, unokulakanyene. Kunjalo, akunjalo na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke manje na? Hamba uye ekhaya futhi umthole, ngendlela obukukholwa ngayo, yileyondlela ozomthola ngayo. Amen.

Ungangabazi nje. “Uma ukholwa, zonke izinto ziyenzeka kwabakholwayo.” Amen.

Lowo bekuyindoda, nangu owesifazane. Ake sibe nomunye futhi, bese-ke sizoqala nje ukukhulekela abagulayo, sibone ukuthi singehla yini kulowomugqa. Niyabo?

²⁷² Sondela eduze kwami, Dadewethu. Ngikholwa ukuthi siyizihambi omunye komunye. Asinjalo. . . singabantu ababili nje abahlangane lapha, ngendlela efanayo ukuthi, endaweni ebonakala yonke indawo enjengale eSikhari lapho, lapho uJesu ahlangana khona nowesifazane emthonjeni, nakhu la sikhona, owesilisa nowesifazane behlangene, okokuqala empilweni.

²⁷³ O, he! Ngifisa kanjani—ngifisa ukuthi—ukuthi ngingabona amandla kaSathane esusiwe! Singama kanjani sikubone lokhu bese singakholwa na?

²⁷⁴ Nansi indoda nowesifazane, asikaze sibonane. Ungowesifazane nje omi lapho, angazi nento eyodwa, angikaze ngimbone empilweni yami. Manje, kuthiwani ngakho na? Angazi

into eyodwa. Awu, kuyini na? UNkulunkulu wakuthembisa, iZwi likaNkulunkulu lisho njalo.

²⁷⁵ Wangethembisa ukuthi ngobunye ubusuku enhla ngaleya, futhi eminyakeni eminingi edlule wathi ngazalelwa lokhu, ngiyakukholwa. Amashumi ezinkulungwane zezikhathi, emhlabeni jikelele, futhi akukho nakanye okwake kwahluleka. Kuyini na? Kukubonisa ukuthi isikhathi sesiseduze. Akumina, nguYe. Bengiyomazi kanjani lo wesifazane na?

²⁷⁶ Umfowabo omdadlana owaphulukiselwa indodana yakhe, wathi, “Ngiyazi kufanele kube nguNkulunkulu, Mfowethu Branham, abantu endaweni yakithi, ngiyazi.” Futhi wathi, “Ngiyazi ukuthi kuyisithembiso sosuku lokugcina futhi sesifikile.”

²⁷⁷ IBhayibheli, kuMalaki 4, lakwethembisa. Wathi kufanele kwenzeke ngaphambi kokuba kufike usuku lweNkosi olukhulu nolwesabekayo, oluyakushisa umhlaba. Futhi siyazi ukuthi siphila kulolosuku.

²⁷⁸ Nampa abantu ababili bemi lapha, angimazi owesifazane. Okune, okuhlana, isithupha, isikhombisa, noma yini, noma ngabe bekuyini phandle lapho, futhi kukhona umugqa wonke, uma nje kuphela bengingama lapha isikhathi eside ngokwanele. Yilokho engizama ukukwenza manje, ngithole ukunyakaziswa ngokwenele ukuze ngikwazi ukuqhubeka nomugqa womkhuleko. Kwenza okuthile kuwe, kunjalonjalo njenge—isiphithiphithi lapho kulezozethameli, *tu, tu*, wukukholwa.

²⁷⁹ O, uma nje ungase uvele nje ubhodloze lowomgoqo omncane lapho, ukhululeke! Njengenyoni ephuma esibiyelweni, inamaphiko, ivele iphume ngomnyango.

²⁸⁰ Nenekazi, ukukhuluma nawe umzuzu nje manje, angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Khona-ke uma into ethize ozofanele uyisho, ukuthi uma . . . Uma Ezongitshela okuthize ngawe, ukuthi uzele ini lapha, njengowesifazane wathinta ingubo yaKhe, noma okuthize ngaleyondlela, ufawu oluthile lweBhayibheli ukukhombisa ukuthi khona . . . u—uyazi ukuthi kufanele kube yinto ethize, ngoba angikwazi. Khona-ke, uma wena . . . uma kungaba njalo, uyazi ukuthi kungaba yiqiniso noma qha, ngoba uyazi ngakho. Bese kuthi-ke, uma kuyiqiniso, he, bekungeke yini kube kuhle lokho kakhulu na? He, ngokuqinisekile bekungaba!

²⁸¹ Manje, inenekazi ligula kakhulu, ngiyakubona manje. Ngilibona kudokotela, lona, lenqatshiwe udokotela. Lihlushwa yizozo zonke izinhlobo, ukwelakanyana. Into eyodwa, unesibhono, futhi ufanele uhlinzwe, futhi unehliziyo embi kuze kube ukuthi akekho udokotela ozothatha udaba. Lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI, kodwa kukhona Oyedwa lapha

ozothatha udaba lwakho...?. . .Ungangabazi...?. . .Qhubeka ukholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Uyakholwa na? Amen...?. . .

²⁸² Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe, noma ngabe ngikutshelile noma qha, uma ngikukhulekele, uyazi ukuthi kukhona uhlobo oluthile logcobo lapha. Ngabe kunjalo na? Uyakukholwa na? Impela, uzokwenza.

Baba wethu waseZulwini, phulukisa udadewethu kulobubusuku, futhi wenze lesisifo...?. . .eGameni likaJesu Kristu. Amen.

“Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa.”

²⁸³ Uyaqonda ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Kungasiza uma ngikutshela, noma ubungavele... Uma bengingakukhulekela, uyazi kukhona uhlobo oluthile lokugcobo lapha olwaziyo ukuthi uneyenhliziyo inkath-. . .Uxolo. Qhubeka, konke sekuphelile...?. . .

²⁸⁴ Manje, ngenkathi ubuhlezi phandle khona lapho emizuzwini embalwa edlule, futhi ngacela noma ubani obenesidingo aphakamise isandla sakhe, uphakamise isandla sakho. Futhi ngenkathi uphakamisa isandla sakho umuzwa oyinqaba ngempela wakushaya, bekungenjalo na? Ngoba, kungalesosikhathi ukuba nokwethuku kwakho kukushiyile. Hamba endleleni yakho futhi...?. . .

²⁸⁵ Uma ngikukhulekele, uzophila noma kanjani, ubungeke na? Kodwa bekungakusiza yini uma bengikutshela ukuthi ubuzeleni lapha na? Bekungakusiza na? Inkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi. Uyakholwa manje na? Hamba futhi uphile, uma nje ungakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

Manje, ukuba ngivele ngabeka izandla zami phezu kwakho, futhi nje ngakukhulekela, uyangikholwa na?

²⁸⁶ Baba waseZulwini, yipha lokhu...?. . .Jesu, Wena wathi, “Kukhulu kangakanani ukukholwa kwabo...umvuzo wabo ongakaze abone, kodwa uyakholwa!” Ngikukhulekela ukuthi Uzomphulukisa, Baba, siphe khona...?. . .

Uyezwa ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile ngawe. Akukusiza ngalutho oluhle, nokho, uma ngikutshela. Uyakholwa uma nje ngikukhulekela na?

Baba waseZulwini, kwangathi angabe esakhwehlela, kwangathi kungahamba, kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu.

Uyakukholwa na?

Woza, Mfowethu. Ukuba bengikwazi ukukuphulukisa, bengiyokwenza. Angikwazi ukukuphulukisa,

ngingakukhulekela. Uyakholwa ukuthi Uzongizwa na? Woza lapha.

Baba wethu waseZulwini, ngiyambusisa umfowethu eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yakho. Yipha ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Kukholwe, ungangabazi, manje.

Woza, Mnumzane. Uyakholwa ukuthi Uzowuzwa umkhuleko wethu na? Uma bengingakuphulukisa, bengiyokwenza, angikwazi, ngingakhuleka kuphela. Uyakukholwa na?

Baba waseZulwini, njengowesifazane waseSirofenike, kwangathi angathola isifiso sakhe kulobubusuku, aye ekhaya futhi aphile eGameni likaJesu. Amen. . . ? . . .

²⁸⁷ Woza, Dadewethu. Uyakholwa ukuthi ngiyakukhulekela, uzokwedlula kukho na? Kube impumuzo enkulu, bekungeke na? Bazame yonke into, i-Asthmador endala nakho konke okunye, kodwa akusizi ngalutho nje. Kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi. Uyakholwa ukuthi lokho kunjalo na?

²⁸⁸ Baba wethu waseZulwini, ngiyakhuleka eGameni likaJesu ukuthi Uzophulukisa owesifazane, futhi umphilise. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi uMoya waKho ulapha, futhi Usigcobile. Ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa. Amen.

“Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa.”

²⁸⁹ Wena. . . Manje, yibani nenhlonipho ngempela, ninganyakazi. Manje, niyabo, Angahle abize okuthize phandle lapho, futhi uma nihambahamba angikwazi ukukubamba, niyabo, ngoba ngamunye wenu ungumoya, futhi phakathi, uyaxhumana, uyabo, uma wenza, lapho uhamba kuyangihlasimulisa, niyabo. Uyaqonda? Niyabo? UJesu wathatha indoda wayiyisa yathi ngqu ngaphandle komuzi, yasuka kukho konke ukungakholwa. Niyabo? Hlalani ninganyakazi ngempela, futhi nibe semkhulekweni.

²⁹⁰ Nanti inenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ubungakwamukela na? Ngibheke. Unesimila. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi sikuphi isimila na? Sisemathunjini. Kulungile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Khona-ke hamba, njengoba ukholiwe, kuzoba njalo nakuwe. . . ? . . . Kulungile.

UNkulunkulu akakhethi bala lamuntu, uma Aphulukisa lelonenekazi ehlela lapho nenkathazo yabesifazane, Angakuphulukisa nawe. Ngenhliziyo yakho yonke.

²⁹¹ Sawubona, Dadewethu na? Uyakholwa uma ngiMcela, Uzokuphilisa na? Angeke—angeke ngikwazi ukukuphulukisa, kodwa ngingaMcela, uma Engakwenza. Ngikholwa ukuthi

usuvele uphulukisiwe. Awucabangi kanjalo na? Kulungile. Yileyo indlela yokukwenza. UNkulunkulu akubusise.

Yileyo indlela, yileyo indlela.

²⁹² Uyakholwa uma sizocela uNkulunkulu...? UJesu washo lokhu: “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo bayakusinda.” Uyakholwa ukuthi ngiyaMkholwa na? Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, ngilalela umyalo waKhe wokubeka izandla phezu kwabagulayo. Amen. Phulukiswa.

²⁹³ Uzokukholwa nawe, Dadewethu na? Uyakholwa, wedlula lapha na? A—awuzi nje ukuza ngoMfowethu Branham, ngoba ngeke kusize ngalutho, kodwa uyeza, ukholwa ukuthi uKristu umi lapha ndawondawo, futhi asiMboni. Ngabe kunjalo na? Woza.

Baba waseZulwini, ngiyambusisa lona wesifazane, eGameni likaJesu Kristu, sengathi angaphulukiswa. Amen.

Kholwa manje.

Uyakholwa, Dadewethu na?

Baba wethu waseZulwini, ngiyakhuleka ukuthi, eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa lodade futhi umphilise...?... Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu, uyimpumpu the ehlweni futhi, o, into ethize embi kabi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?

²⁹⁴ Baba wethu waseZulwini, Nguwe kuphela ongaphulukisa lendoda. Ngiyayikhulekela, izandla zami ziphezu kwayo, futhi ngicela ukuthi izophiliswa ngokuphelele. Siphe khona, eGameni likaJesu, ngiyakucela. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu, hamba ukholwa.

Uyakholwa nawe, Dadewethu.

Baba waseZulwini, ngicela ukuphulukiswa kwakhe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

²⁹⁵ Niza khona ngapha. Nobabili na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Awu, busiswani izinhliziyu zenu. He, kumnandi lokhu. Ngethemba ukuthi ngelinye ilanga ngiyobona ubaba wami nomama behla bedabula eMbusweni kaNkulunkulu. Uma nginikhulekela, niyakholwa ukuthi Uzoniphilisa na?

²⁹⁶ Baba wethu waseZulwini, lezizithandani ezincane, Ngibeka izandla zami phezu kwazo ngakho konke ukuba nenhlonipho nezinhlonipho engaziyo ukuthi kanjani. Futhi uma kubekwe emandleni ami, ngiyobasindisa. Ngeke ngikwenze, Nkosi, kodwa ngikholwa kuWe, Ozokwenza. Ngiyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hambani manje, futhi nobabili niphile, futhi niphile impilo enhle, ejabulisayo, ende yoMbuso kaNkulunkulu.

²⁹⁷ Leyo yinto embi kakhulu, a-hha, akekho owaziyo ngakho. Niyabo? Wonke umuntu uyakutshela, “Phaphama,” futhi ungakwenza kanjani na? Hhe? Niyabo? Ukuthuthumela. Hhu, he, lelothunzi elimnyama elidala elikulandela ngaso sonke isikhathi, akukho ongakwenza. Konke akuhambanga kahle, futhi konke...Yilokho kuphela. Uyakholwa ukuthi Uzongivumela ngikulahle kuwe na?

²⁹⁸ Sathane, phuma kuye. EGameni likaJesu Kristu, shiya lona wesifazane omncane ompofu. Ngiyakudabukela! Ngikufungisa uNkulunkulu ophilayo, OBukhona baKhe bulapha manje, engiyinceku yaKhe, makube njalo kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. Ngakho konke ukukholwa kwami nethemba, ukhululekile. Hamba ngendlela yakho uthokoza, uthi, “Ngiyabonga...?...”

Uyakholwa, mfowethu na? Masikhuleke.

Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana yaKho, amandla avusa uJesu ethuneni mawaphilise umzimba wakhe, amphilise. Amen.

INkosi ikubusise, mfowethu.

Uyakholwa, Dadewethu na?

²⁹⁹ Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu, iNdodana yakho, Ngibeka izandla zami phezu kwalo wesifazane siseseBukhoneni balokhu, uBukhona obumboziwe bukaJesu Kristu. Kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Busiswa, Dade. Hamba nje uthokoza, ujabule, ukholwa.

Woza, Dadewethu, wena noMfowethu; ake sibambe izandla zenu.

³⁰⁰ Baba waseZulwini, ngiyababusisa. EGameni likaJesu Kristu sengathi bangathola izifiso zabo kulobubusuku, benziwe baphile ngokuphelele, futhi baphilele uMbuso kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

Hambani nikhola manje. Ningangabazi, kholwani nje.

³⁰¹ Ungakhola na? Wonke umuntu uyakhola na? Izikhathi eziningi abantu ucabanga ukuthi uha-...wonke umuntu kufanele atshelwe. Akumele utshelwe, ngiyakwazi, futhi uma ngiqala ukukhuluma ngakho, khona-ke kulokhu kuya ngokwanda ngokwanda, nokwanda, nokwanda, niyabo, futhi ngiba buthaka, ngibe buthaka, ngibe buthaka, futhi lowomugqa usesemude. Kodwa uNkulunkulu wazi konke. Anikukholwa lokho na? Impela, Uyakwenza. Bangaki abakholwayo, noma ngabe usho okuthile noma qha, kholwa nje na? Amen.

Manje, Akazange angishiye, ngenkathi ngiqala nje lokho, Uselapha, Ulapha. Niyakukholwa na?

³⁰² Kuthiwani ngawe na? Uyakukholwa na? Angikwazi, uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa uyakholwa Angangitshela ukuthi yini engalungile ngawe na? Uma ngikutshela, uzomangala. Uvele ube buthaka ngempela, unamalumbo abuthaka. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi Angakuphilisa kulokho na? Umshumayeli ofuna ukushumayela iVangeli na? Ungumfundisi, futhi uvele ube buthakathaka kangokokuthi awukwazi ukushumayela. Ingabe kunjalo na? Kodwa ungaqina kusukela manje kuqhubeka. Uyakholwa ukuthi unjalo na? Khona hamba endleleni yakho, uthi, “Mayibongwe iNkosi.” Amen. Ake ngizwe ngawe.

Haleluya! Amen.

³⁰³ O, Melika, Melika, kukangaki uNkulunkulu enifukamela, kaningi kangakanni, kodwa wena . . . ? . . .

Kukhona okungajwayelekile ngawe. O, ngiyazi manje, naku: Uyinenekazi engahlangana nalo endaweni othenga udlele kuyo. Sekuphelile.

³⁰⁴ EGameni likaJesu Kristu, makuthi lona wesifazane aye ekhaya manje, ephilile. Nkosi, makalulame kulokhu, ngikholwa ukuthi Uzokwenza, ngoba namuhla leyomfihlakalo enkulu eholela kuleyondawo othenga udlele kuyo, azi ukuthi yini ebangele lokhu, owesifazane ompofu uzame ukukunikina isikhathi eside, kodwa manje useyakhululeka.

Hamba eGameni likaJesu futhi uphile. Hamba ujabule, uthokoza, ukholwe.

Kulungile, Mnumzane. Uyakholwa uma ngiMcela, uzosinda na?

EGameni leNkosi uJesu Kristu, yipha ukuphulukiswa komfowethu, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Hamba.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Sekunezinsuku eziningi lapha. Asikhuleke.

³⁰⁵ Baba wethu waseZulwini, o, ukuba nje bengingabamba ubabayi wami kulobubusuku, kanje, kodwa ngowakhe. Msize, Nkulunkulu, mbusise naye, Baba. Kwangathi bangaba nokuphulukiswa, baphile impilo ende, futhi ngolunye usuku eNkazimulweni, lapho sonke sesiguqela emuva kubantu abasha futhi, sengathi ngingaphinde ngihlangane nabo, ubufakazi bukaJesu Kristu; ngicela lesisibusiso. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Hamba, ukholwa, ube kahle. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise.

Akumnandi lokho na?

³⁰⁶ Uyakholwa, Nsizwa na? EGameni likaJesu Kristu, ngihlonipha imiyalo yaKhe ngokubeka isandla sami phezu kwesakho, futhi ngicela ukuthi udeveli asuke kuwe, futhi usinde.

Uyakholwa, Dadewethu na?

Khona-ke, eGameni leNkosi uJesu Kristu, Wena wathi, “Lezi zibonakaliso ziyakulandela abakholwayo,” mphilise. Amen.

Ungangabazi, vele uhambe manje, yiba nesin-...yiba nesineke. Kukholwe.

Sawubona, Dadewethu? Leli ihora lokukhululwa kwakho. Uyakhululwa na?

EGameni likaJesu Kristu, sengathi angakhululwa khona manje. Amen.

Uzophulukiswa. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

³⁰⁷ Woza lapha. Mfowethu, ngiyazi ukuthi induku endala isho ukuthini, ukugalobha ngayo. Leli kuzoba ihora lokukhululwa. Ngabe uzoba nesineke, eBukhloneni bukaNkulunkulu manje, hhayi ebukhloneni bethu, kodwa eBukhloneni baKhe, ukuthi ngizonikhulekela, futhi nizosinda na? Uyakhululwa na?

Baba wethu waseZulwini, ngiyambusisa umfowethu. EGameni likaJesu Kristu, futhi sengathi amandla kaNkulunkulu angamphilisa. Amen.

Kukholwe manje, Mfowethu. Konke okwakho...?...

Umfo omncane.

Kwangathi umfo omncane angakhululwa. EGameni likaJesu Kristu, futhi kwangathi kungaba njalo kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Amen.

Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekani kuye. Ukutholile.

³⁰⁸ Sawubona, Mnumzane? He, lengalo empofu, endala ekhubazekile! Ngifisa sengathi ungayelulela eNkosini uJesu kulobubusuku, futhi ikubusise futhi ikuphilise.

³⁰⁹ Baba waseZulwini, ngikhulekela lomfana, ngikhulekela ukuthi aMandla angamphilisa, uJesu Kristu, azomphulukisa. Kwangathi angabuya, ekhombisa ukuthi izibusiso zikaNkulunkulu zifike phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Ngiyabonga, Nkosi.

UNkulunkulu akubusise, Mfana. Hamba ukholwa manje.

Sawubona, Mfo omncane? [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ngikhululwa ukuthi Uzokwenza, awukholwa wena na?

³¹⁰ Umfana omncane akakwazi ukukhuluma. Niyabo? Ngakho kholwa nje. Manje, sizokhuleka futhi sicele uNkulunkulu. Ngikhululwa ukuthi lowomfanyana uzobuya ekhuluma. Impela, uzokwenza. Uyakhululwa lokhu na?

Une—ishubhu elibi na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.]
He, he!

Baba wethu waseZulwini, sengathi umoya oyisimungulu phezu kwalomntwana ungangahamba, futhi kwangathi umntwana angakhuluma. eGameni likaJesu Kristu. Amen.

...?...kusasa ebusuku...?...

³¹¹ Nkulunkulu onomusa, Owavusa uJesu kwabafileyo, phulukisa lodade futhi umphilise, njengoba ngibeka izandla zami ezingafanelekile phezu kwakhe, kodwa ngikholwa kuKristu, Ofanele, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Busiswa, Dade. Kukholwe manje.

Sawubona, Dadewethu?

³¹² Baba wethu waseZulwini, njengoba lona wesifazane enqamula emsamo ngokuzithoba, ngokuba nenhlonipho, azi ukuthi ukuphulukiswa yinto ethile eseyenziwe kakade. Abantu bayakukholwa, khona-ke, njengoba ngishilo kulobubusuku, abe njengalowo wesifazane wakudala, ephikelela, eba nesineke, Bayakukholwa. UNkulunkulu ubakhombisa isibonakaliso saKhe, bayasemukela, bayasikholwa. Kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

Uyakholwa, Dadewethu na?

³¹³ Baba wethu waseZulwini, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa,” ngiyakhuleka ukuthi Uzopha lesisibusiso kudadewethu, ukuthi lokho akucelayo, eGameni likaJesu Kristu, ngibeka umkhuleko wami kanye nowakhe, ukukholwa kwami kanye nokwakhe, futhi sengathi angaphiwa khona. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

³¹⁴ Sawubona, Dadewethu? Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? Ngizobeka ukukholwa kwami nokwakho futhi sizobeka umkhuleko wethu e-altare laKhe, futhi sikukholwe eBukhoneni baKhe.

³¹⁵ Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela lona wesifazane othandekayo njengoba emi lapha, kulobubusuku, ekhubazekile, zonke lezizinto, Baba, ngiyakhuleka ukuthi—ukuthi Uzopha ukululama kwakhe, Nkulunkulu. Ngibeka umkhuleko wami phezu kwe-altare kanye nowakhe, ngibeka ukukholwa kwami phezu komhlatshelelo, uKristu Jesu, futhi ngicela ukuthi uzophiliswa. Amen.

Kholwa manje, ngayo yonke inhliziyoyakho.

Sawubona, Mfowethu? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na?

³¹⁶ Baba wethu waseZulwini, njengoba lensizwa ebukeya iyiqhawe imi lapha phambi kwami. Simi eBukhoneni baKho njengabazalwane. NgiyaKucela, Nkosi, njengoba ngibeka

umkhuleko wami kanye nowakhe, siphe khona, Nkosi, ukuthi uzo—ukuthi uzonikwa isicelo sakhe. NgeGama likaJesu. Amen.

Kukholwe manje, phikelela, bambelela kukho, kuceliwe, ngakho makwenziwe.

Sawubona, Mfowethu? Uyakholwa kanye nami manje ukuthi ungabuyela ezansi eningizimu, ukahle na?

³¹⁷ Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzopha isicelo sakhe. Ngibeka umkhuleko wami kanye nomkhuleko wakhe, ukukholwa kwami kanye nokukholwa kwakhe, konke eBhayibhelini lakho naseGazini likaJesu Kristu, siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

“Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa.”

Mfowethu, uzokholwa kanye nami, ungeke na?

³¹⁸ Baba waseZulwini, njengoba ngibamba isandla sakhe, sengathi amandla kaNkulunkulu uSomandla angafika phezu komfowethu, futhi sengathi konke ukungabaza okuchobokayo okuzama ukubambelela, kungephulwa kudedele. Kwangathi angedlula leso sivimbelo somsindo, aqhubeke, futhi ehlokoma ngaleya, eMbusweni kaNkulunkulu, ephikelela, ebiza ukuphulukiswa kwakhe ngemivimbo yeNkosi yethu uJesu Kristu. Amen.

Busiswa, Mfowethu.

Sawubona, Dadewethu? Ngikhholwa ukuthi leli yihora.

³¹⁹ Ngibeka ukukholwa kwami kanye nokukadadewethu phezu kwe-altare elingcwele likaNkulunkulu ngemikhuleko yami nokukholwa kwami kanye nokwakhe. Ngiyacela, Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ukuba umnike, isicelo sakhe. Amen.

Kuyoba njalo njengoba ukholwa.

³²⁰ Baba wethu waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, sengathi umkhuleko wami, engiwubeka nokamfowethu, amathemba ami kanye namathemba akhe, ukukholwa kwami kanye nokukholwa kwakhe phezu kwe-altare laKho elingcwele, kwemukele, Nkosi. Nginikela lokhu esikhundleni sakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Phikelela manje, bambelela kukho ngqo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

³²¹ Baba wethu waseZulwini, bathi umkhuleko wokukholwa usindisa abagulayo, nginikela owami kanye nomfowethu; ngiyamzwela. O Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa. Sizwe, Nkosi, njengoba ngicela, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, Mfowethu, unokuphikelela manje, Mkhholwe.

Woza, dadewethu.

³²² Baba wethu waseZulwini, njengoba ngimi lapha eBukhoneni baKho, nasebukheneni balelibandla, ebukhoneni balona wesifazane, ngiyacela, njengoba ngibeka umkhuleko kanye nowakhe phezu kwe-altare, semukele, Baba. Nginikela lokhu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Phikelela manje, unga—ungakunqamuli.

Woza, Dadewethu. Ungathanda ukuya ekhaya, udle isidlo sakho sakusihlwa, uphiliswe na? Qhubeka nje.

Uyakholwa, Dadewethu na?

Baba waseZulwini, ngiyakhuleka ukuthi Uzomphulukisa, njengoba nginikela umkhuleko wami kanye nowakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, Mfowethu.

³²³ Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla zami phezu koMfowethu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Nginikela umkhuleko wami kanye nowakhe, Baba, phezu kwe-altare laKho elingcwele. EGameni likaJesu, makaphulukiswe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.

³²⁴ Manje, ezethamelini, uJesu washo lamazwi, uMarku 11:24: “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, uma uthi kulentaba, ‘Qukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushoyo.” Niyakukholwa na? Kulungile, khona-ke bekamo izandla zenu phezu komunye nomunye, nikhothamise amakhanda enu. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ningangabazi. “Manje, uma uthi kulentaba, ‘Qukuleka . . .’”

Yebo, memu? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] O, sizomkhulekela.

Nkosi Jesu . . .

Manje, nisakhuleka, ngiyakhuleka, ngomncane . . . inekazi lilethe umfana omncane phezulu lapha.

³²⁵ Nkulunkulu Baba, ngikhulekela ukuthi Uzopha ukuphulukiswa komfana omncane. Manje, ngibeka izandla phezu kwakhe, futhi ngikhulwa eGameni likaJesu ukuthi kuzakwenziwa, njengoba ngibeke ukukholwa kwami nothandiweyo wakhe lapha, phezu kwe-altare lakho, sengathi angasinda, Nkosi. NgeGama likaJesu. Amen.

Kholwa, Dadewethu. Phikelela, uyabo.

³²⁶ Angazi nje, ukukhulekela abagulayo kube yinto ethize engingakaze ngikwazi ukuyiqonda. Ngaphambi kokuba ngike ngiphume nokubona okufihlakeleyo noma nanoma yini, ngandlela thize, ngiyovele ngikhulekele abagulayo ngenkathi

ngangiyi, umfundisi wendawo wamaBaptisti nje ezansi lapho, *ngandlela thize-anye* bavele balulame, angazi.

327 Abaningi benu bafunde izindaba ezimayelana, ngisho noNkulunkulu ethumela engenisa izilwane, abantu beze kanjani ngamaphupho nezambulo, abantu abangakaze bezwe ngaphambili beze besuka emamayeleni, nangaphesheya kolwandle, bakhulekelwe. Ngivele ngikhuleke umkhuleko wokukholwa, konke engikwaziyo, futhi ngiyakukholwa, ngiyakukholwa. UNkulunkulu wakwethembisa, kwase kuthi-ke uma Ekwethembisile lokho . . .

328 Manje awudingi ukuthatha izwi lami ngakho, thatha iZwi laKhe ngakho. Bese kuthi-ke . . . Ubuyodingeka uthathe izwi lami ngaYe engibiza ukuba ngikhulekele abagulayo, kodwa ngicabanga ukuthi Ukufakazisile lokho.

329 Bukani lapha, eminyakeni edlule ngenkathi nginitshela ngalokhu kuKhanya okukhulu, iNsika yoMlilo, nganitshela ukuthi Yayibukeka kanjani, ngaphambi kokuba kuthathwe noma yisiphi isithombe sesayense saYo, manje bukani izithombe abanazo zaYo.

330 Manje, lokho kuKhanya okufanayo kumi khona lapha engikhona khona manje, ngibheke ngqo kuKho, khona lapha, ukuKhanya okunombala wesimaragidu. Manje, leloso eliwumshini laleyokhamera alithathi isayense yengqondo, niyazi, ukuKhanya kwakulapho. NaKhu, kwenza khona impela Elathi Kuyokwenza.

331 UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; nokho nizoNgibona.” Manje, lapha, Wayeyini na? INsika yoMlilo eyahola abantwana ehlane, Yenziwa inyama ngesimo soMuntu, uJesu Kristu, Wafa, wembelwa, wenyukela eZulwini, futhi endleleni eya eDamaseku uPawulu wahlangana neNsika yoMlilo efanayo.

Wena uthi, “O, lokho akulungile.”

O, qhabo, wathi, “Nkosi, UnguBani na?”

Yathi, “NginguJesu.” Manje, manje, akekho noyedwa wabo owakubona, uPawulu wakubona.

332 Akekho omunye owabona leloJuba, ngaphandle kukaJesu . . . ngale kukaJesu ngaphandle kukaJohane, ngoba wayazi ukuthi wayezokubona, ngoba uNkulunkulu wamtshela kanjalo. Niyabo? Yilokho kuphela. Wayephikelela, wayekwazi. Manje, Nakhu.

333 Manje, ngikhulekele ngamunye wenu, ngikhulekele ngamunye wenu. UJesu wathi, “Uma uthi kulentaba, ‘Qukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi lokho okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushilo.”

Manje, sengikushilo, manje makwenziwe. Kubhalwe ukuthi kukhulunywe; sengikukhulumile, makwenziwe.

³³⁴ Manje asikhuleke, izandla zethu phezu komunye nomunye, njengabantwana bakaNkulunkulu abakholwayo. Uma wake waphikelela, ungakugwema kanjani ukuphikelela manje na?

³³⁵ Ukube lezizibonakaliso ezinkulukazi bezingenziwa eRashiya, bekungeke kube ubukhomanisi namuhla. Lezizibonakaliso ezinkulukazi zenziwe e—eShayina, bekungeke kube ubukhomanisi namuhla.

³³⁶ O, Melika, Melika, kukangaki uNkulunkulu ekuvakashela, Uzokuvumela kuze kube kade kangakanani na? Isikhathi sokuphela sesifikile, izibani zakusihlwa ziyakhanya.

³³⁷ Manje, Nkosi, ngiyabathanda lababantu, bangabantu baKho, futhi ndawonye singabafo nodade eNdodaneni yaKho, uJesu. Futhi manje, Nkosi, njengoba ngikhulumile, kulobubusuku, ngoDavide nendwayimana encane, wayekhathalele izimvu zikayise, futhi kungakhathaleki ukuthi kwakuncane kangakanani, wayelungele ukuveza nokunqoba ngalokho okuncane ayezonzoba ngakho, futhi Wena wawukanye naye.

³³⁸ Nkosi, ngilandela lezizimvu kulobubusuku, bezigula, ngiyihloniphile imiyalo yaKho, wabonisa ubukhona baKho, ukuzimisela kwaKho, Ubaphulukisile ngekhadi, ngaphandle kwekhadi, ukhombisa ukuthi Wena ulapha. Awuhluleki neze, unguNkulunkulu osendaweni yonke, futhi ngiza ukuzophonsela inselelo udeveli ozobagcina ngemuva kwesivimbelo somsindo wokungakholwa.

³³⁹ Nkulunkulu, ngiyabaletha kulobubusuku, ngiphula indlela ngeZwi likaNkulunkulu futhi—futhi ngiyabakhulula. EGameni likaJesu Kristu, ngibabuyisela emadlelweni anomthunzi, aluhlaza.

Phuma, Sathane!



ISINEKE ZUL62-0608
(Perseverance)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu kusihlwa, ngoJuni 8, 1962, e-Aberdeen High School e-Aberdeen, eNorth Carolina, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org